# *IPhimbo LesiBonakaliso*

Yibani nilokhu nimile nje okwemizuzwana embalwa eBukhoneni beNkosi. Asifunde eZwini laYo, kuEksodosi, isahluko 4.

> *UMose waphendula wathi, Kepha, bheka, abayikukholwa yimi, bangalaleli izwi lami: ngokuba bayakusho ukuthi, INkosi ayibonakalanga kuwe.*
>
> *Yayisithi iNkosi kuye, Kuyini lokho okusesandleni sakho na? Wathi, Yinduku.*
>
> *Khona yathi, Yiphonse phansi. Wayeseyiphonsa phansi, yaphenduka inyoka; uMose wayibalekela.*
>
> *Yayisithi iNkosi kuMose, Yelula isandla* sakho, *uyibambe ngomsila. Wayeselula isandla sakhe, wayibamba, yaphenduka induku esandleni sakhe:*
>
> *Ukuba bakholwe ukuthi iNkosi uNkulunkulu wawoyise, uNkulunkulu ka-Abrahama, uNkulunkulu kaIsaka, noNkulunkulu kaJakobe, ubonakele kuwe.*
>
> *INkosi yathi futhi kuye, Faka manje isandla sakho esifubeni. Wayesefaka isandla sakhe esifubeni sakhe: lapho esesikhipha, bheka, sasi*wuchoko *sinjengeqhwa.*
>
> *Wathi, Buyisela isandla sakho esifubeni. Wayesebuyisela isandla sakhe esifubeni sakhe; kuthe esesikhipha esifubeni sakhe, futhi, bheka, sasesiphendukile sinjengenyama yakhe.*
>
> *Kuyakuthi, uma bengayikukholwa nguwe, bengalaleli izwi lesibonakaliso sokuqala, bayakukholwa yizwi lesibonakaliso sasemuva.*
>
> *Kuyukuthi-ke, uma bengayikukholwa* nguwe, *yilezizibonakaliso ezimbili, bengalaleli izwi lakho, uyakukha amanzi omfula, uwathele emhlabathini owomileyo: amanzi* owakhe *emfuleni ayakuphenduka igazi emhlabathini owomileyo.*

2 Asikhothamise amakhanda ethu okomkhuleko. Manje yiba nesicelo, kulokhu kuhlwa, ongathanda ukuthi saziswe eNkosini, phakamisa nje izandla zakho futhi uthi, “Nkosi, ngikhumbule manje. Nginesidingo.”

3 Baba wethu waseZulwini, sisondela kuWe futhi kulokhu kuhlwa, siqonda ukuthi njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngasothulini lapho esivela khona, futhi, uma Ulibala, sizobuyela emuva othulini. Kodwa ngethemba elibusisiwe lesithembiso esikuKristu, ukuthi bonke labo abakuNkulunkulu uKristu uyobaletha naYe. Si—siyaKubonga ngalesisithembiso

esiyinkazimulo. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokhumbula ngamunye wabo abaphakamise izandla zabo, nesami, Nkosi.

4 Ngiyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi ekuvalweni kwelelihora lokukholwa, ukuthi Uzonika abantu ukukholwa okunje kulobubusuku, ukuthi iNkosi uJesu izoba yiyo ngempela kakhulu komunye nomunye wethu, ukuthi akuzukubabikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu emva kwalobubusuku. Kwangathi sonke isoni singaqonda ukuthi siseBukhoneni beNkosi uJesu, bese kuthi-ke sizophenduka ezonweni zaso, futhi sinikele inhliziyo yaso kuWe, futhi sigcwaliswe ngoMoya; kuleli amahora amabi okugcina, njengoba silibona njengesithunzi esikhulu sigaqa phezu komhlaba.

5 Siyakhuleka, Nkulunkulu, okokuholwa ngokobuNkulunkulu, kulobubusuku, okokukhuluma nokokulalela. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha umhlangano manje futhi uhlephule isiNkwa sokuPhila komunye nomunye wethu njengoba sinesidingo, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

Ningahlala phansi.

6 Ngiyathemba ukuthi kulobubusuku sizokwazi ukufeza lokho esizama ukuthola abantu ukuba bakubone, u—ubuqiniso bokuba nokukholwa kuNkulunkulu.

7 Manje, kusasa ntambama ligamenxe elesibili, bonke labo abanamakhadi omkhuleko bazokhulekelwa. Futhi khona-ke ukuqiniseka ukuthi akukho-muntu oshiywa ngaphandle, engenamakhadi omkhuleko, ubusuku ngabunye sikhipha amakhadi omkhuleko athize. Futhi uzowakhipha kusasa futhi, cishe . . . Ngiyacabanga, cishe kugamenxe elokuqala noma okuthize okunjengalokho, ngaphambi nje kokuba umhlangano uqale. Futhi bonke abafisa ukukhulekelwa, noma yimuphi wabathandiweyo benu, mabeze futhi bathole ikhadi lomkhuleko. Impela bazo—zokwemukela ekhadini lomkhuleko. Futhi sizo . . .

8 Ngizokhulekela abantu, ngokubeka izandla kubo nokubakhulekela. Manje uma ukukholwa kwakho kungeke kuphakame eBukhoneni beNkosi uJesu futhi kuMemukele njengomphilisi wakho, futhi uyakholwa ukuthi uma besingakhuleka futhi sibeke izandla phezu kwakho, ukuthi lokho bekungasiza, awu, silapha impela ukwenza noma yini oyifisayo.

9 Isizathu esingenze ngikubeke eceleni kuze kube leyithi, isikhathi eside, ukubona ukuthi wonke umuntu ebengingambona, ongafinyelela futhi athole uNkulunkulu kulezozisekelo. Futhi asinabo abaningi kakhulu. Kune . . . Isakhiwo asisikhulu, futhi ngakho asinabo abantu abaningi kakhulu. Futhi singathatha intambama yakusasa futhi

sikhulekele bonke esinabo lapha, sifaka intambama senzele leyonhloso, ukukhulekela abagulayo.

10 Futhi silapha ukwenza noma yini esingayenza ukusiza ukwenza impilo ibengconywana kini, siwenze ubelula umthwalo, kuloluhambo esiluhambayo.

11 Bese kuthi-ke noma ngasiphi isikhathi, ukuthi noma ubani ozwa ukuthi—ukuthi bangathanda ukuza eNkosini uJesu, akunandaba ukuthi iyiphi ingxenye yenkonzo eqhubekayo, woza ngayo leyonkathi. Ungalindi kuze kwenziwe ukubizela ealtare. Ungalindi kuze kunikezwe isimemo. Woza ngayo leyonkathi, yemukela uKristu, futhi wenyuke ngqo futhi uMvume ngayo leyonkathi. Ngokuba leyo yimpokophelo yethu enkulu yokuba lapha, ukubona imiphefumo izalwa eMbusweni kaNkulunkulu.

12 Futhi manje, kusasa yiSonto, futhi kuzoba neSonto-sikole, amabandla. Isizathu sinezinkonzo zethu ntambama, ngeSonto, ngukuthi ukuze singaphazamisi noma iyiphi inkonzo nhlobo. Sikholwa ukuthi wonke umKristu ufanele abe nebandla lase—sekhaya abaya kulo. Wonke umKristu ufanele ahlangane ndawondawo namakholwa. Futhi noma yikuphi lapho nihlangano khona, lelibandla.

13 Manje, uma bengihlale lapha, bengingasonta kwelinye lalamabandla lapha, ukuthi lababelusi lapha, obambisanayo, omelele. Ngani? Ngoba balapha behlezi phezu komsamo, ukuba babonwe abantu bonke, ukuthi bayakuvuma okuqhubekayo. Bayakholelwa kuloluhlobo lwenkonzo, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, umBhaphathizo kaMoya oNgcwele, nokunye nokunye. Balapha benikeza ubufakazi kukho. Babeyilowo ongimemile ukuza lapha, ukuthi mhlawumbe inkonzo iNkosi enginike yona ingahle isize inhlangano yebandla labo.

14 Manje lowo ngumelusi wangempela, obuka phandle kuwo wonke amalungelo okomoya angawabuka, akho konke uNkulunkulu akwenzayo, ukuthi uzama okwedlula konke kwakhe ukusiza ibandla lakhe ukuba liqhubekele uNkulunkulu. Impela ngiwethulela isigqoko sami ukuncoma umelusi onjalo.

15 Futhi lawa indoda ibifanele yenze lokho ngaphansi kobunzima, futhi. Ungakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso. Abefanele akwenze ngaphansi kobunzima. Futhi ngi—ngiyajabula ngempela ngendoda enjalo enkulu kaNkulunkulu, evumayo ukuthatha indawo yawo nesikhundla sawo somsebenzi phezu kwezinkolelo zawo, futhi—futhi akholwe. UNkulunkulu awabusise njalonjalo!

16 Futhi ngineqiniso ukuthi azonenzela okuhle. Manje, uma uyisihambi lapha, thola ukuthi lababafowethu banamabandla abo kuphi, ukuthi bakuphi. Bavakasheleni kusasa. Bazoba nezinkonzo ezikhethekile, futhi kunabefundisi lapha

abazobe bekhuluma emabandleni ehlukene, futhi njengoba kumenyezelwe. Ngakho yibani kubo kusasa.

17 Bese kuthi-ke kusasa ntambama, uma uzothanda ukuphumela enkonzweni yokuvala, sizojabula impela ukuba nawe. Onke amabandla, onke amahlelo, ngeyawo wonke umuntu. Wonke umuntu wemukelekile; iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iPentecostal, ichurch of Christ, ichurch of God, iKatolika, iBandla loMthetho lamaJuda, umphiki-Nkulunkulu, noma ngabe uyini. Siya . . . Uyamenywa.

"Wena uthi, 'Umphiki-Nkulunkulu'?" Yebo, mnumzane.

18 Uma umphiki-Nkulunkulu ezongena emhlanganweni futhi ahlale phansi futhi aziphathe kahle, umukelekile nje njengawo wonke omunye umuntu. Kunjalo. Into ethize, yilokho esimfunela khona lapha, ukuthi into ethize ingahle yenziwe engamsiza ukubona ukweduka kwakhe, futhi eze eNkosini. Ngokuba si . . . Impela.

19 Bangaki osewake wafunda umbono omncane iphephabhuku loSomaBhizinisi abangamaKristu elawukhipha, futhi ngiyakholwa amanye ambalwa amaga- . . ., okuthi, *Ukubuka Wedlule IKhethini LesiKhathi*? Manje lokho yiqiniso, mngani. Ungeke wakwazi ukukugeja lokho. Ngi—ngibe umuntu owehlukile kusukela ngaleyonkathi. Ngiyazi ukuthi kuyikho ngempela, ngakho ngi—ngi—ngithemba ukuthi nje akukho namunye wenu ozogeja leloZulu elikhulu uNkulunkulu analo lamakholwa. Uma ukwenza, yini oyifezile lapha emhlabeni na? Isizathu, awazi ukuthi sikhathi sini oyodingeka ushiye lelizwe ngaso. Kodwa wazi into eyodwa, impela uyodingeka ulishiye. Ngakho uma lokho kuyiqiniso, khona-ke besingeke yini sibe yiziwula kakhulu kunabobonke ukuzama uku—ukuthola nje njenge . . . Singeke sakwazi ukuthatha noma yiluphi uhlobo lwethuba. Niyabo, khumbulani nje, kholwani yiZwi likaNkulunkulu naso sonke isithembiso kuLo.

20 Cabangani nje, yini eyabangela konke ukugula, lonke usizi, konke ukufa, yonke inkathazo, konke ukudabuka, lomntwana omncane onokugongobala, zonke lezizinto, abakhubazekile, izimpumputhe, sonke isibhedlela ukuba sakhiwe? Ngoba umuntu oyedwa wavele nje wayikholwa ngokungesikho ingxenye eyodwa encane yeZwi. Lowo kwakunguEva. USathane nje walimboza kuye. Akangalicaphuna, kodwa walimboza kuye, wathi, "Impela . . . INkosi ilunge kakhulu."

21 Nizwa kakhulu impela namhlanje ngakho kungukuthi, uNkulunkulu enguNkulunkulu olungile. UnguNkulunkulu olungile, kodwa khumbulani UnguNkulunkulu wobungcwele, uNkulunkulu ongeke angasinaka isono. Inhlawulo ikhokhiwe, futhi ufanele ukwemukele ezinkundleni zaKhe. Futhi khumbulani, UnguNkulunkulu wentukuthelo, uNkulunkulu wolaka. Futhi niyoma phambi kukaNkulunkulu othukuthele,

hhayi nje uNkulunkulu womusa nesihawu. Kulobubusuku UnguMsindisi wenu; ngaloloSuku UnguMahluleli wenu.

22 Ngakho qiniseka ukuthi awushiyinto ingenziwe, mngane. Ku—kungeke . . . Akukhokheli. Nje ninga—ningayi kukho ngokumahlaphahlapha. Qinisekani, qinisekani ngokuphindwe kabili, ngoba anitholi elinye ithuba. Leli yilona thuba lenu kuphela, niselapha emhlabeni.

23 Khumbulani isicebi noLazaru, kwakunomselekazi omkhulu phakathi kwakho naYe, ukuthi akukho-muntu oseke waweqa, noma oyoke aweqe. Niyabo? Uma u—uma ufa, lokho kuyakuxazulula. Ngiyazi abantu bazisho ukuthi bayakukhulekela ubuye uphume kulezozindawo, kodwa ungalokothi ukukholwe. Lokho kuphambene neZwi likaNkulunkulu. Niyabo? "Indlela isihlahla esitsheke ngayo, yileyondlela esiwa ngayo." NoJesu washo, qobo lwaKhe, ukuthi, "Kwakukhona umselekazi, ukuthi, uma umuntu efile futhi waya esihogweni, wayengeke (nhlobo) eze eZulwini. Akukho-muntu owake wawuwela, futhi akasoze abekhona." Lokho kuyakuxazulula, ngokubona kwami. Ngenkathi uJesu ethi kwakuyikho, yilokho kuphela kukho.

24 Ngakho nje khumbulani, manje yithuba lakho, futhi kulobubusuku kungahle kube yithuba lakho lokugcina.

25 Ubungake uze ukubambe-ngqi okuqhubekayo na? Uma nje ungakubona! Ngiyethemba anikucabangi lokho kukhuluma kanjalo, ukuthi ngizama ukunithonya ukubuka umuntu othize, noma ukukholwa umuntu othize. Angenzi lokho, mngani. Ngizama ukunithola ukuba nikholwe ukuthi Ubani lo esiseBukhoneni bakhe manje. UJesu Kristu, uNkulunkulu impela oyonehlulela ngaloloSuku, ulapha ezikhomba qobo lwaKhe ebukhoneni benu, yona impela into Ayithembisa ukuthi Uyoyenza kulezizinsuku zokugcina.

26 Ngicabanga ukuthi uMfowethu Price, kulokhu ukusa esidlweni sasekuseni, unikeza umfanekiso okahle kabi ekufikeni ekhoneni, khona-ke ufanele ujike ikhona. Nikujabulele lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela kujatshulelwe. Bekubekwe kahle, kahle kakhulu impela.

27 Manje, ngakho khumbulani, ngezinye izikhathi ekhoneni, kodwa asikhumbule sifanele sijike lamakhona. Ngashumayela ngalokho, ngesinye isikhathi, futhi ngakubiza ngokuthi, *Imigamanxo*. Sizithela emgamanxweni, kaninginingi, sifanele sihambe *ngale*ndlela nangapha ngezindlela ezehlukene.

28 Manje kulobubusuku, okwemizuzu embalwa elandelayo, ngifuna ukuthatha indaba yokuthi—yokuthi: *IPhimbo LesiBonakaliso*. Futhi manje inkundla yethu ivuleka, kulobubusuku, eNcwadini kaEksodosi, no *exodus* kuchaza "ukuphuma; ukukhishwa." Manje zamani ukulalelisisa ngakho konke eningakwenza.

29 Ngithanda ukushumayela kini ngesinye isikhathi, niyizethameli ezinhle kabi, kodwa nje anginalo iphimbo. Ubunzima obuncane nje kulokho, futhi ngiyazi ukuthi bekuyoba yini. Ngifanele ngithi ukuphumula kancanyana manje, okwezinsuku cishe eziyisishiyagalombili noma eziyishumi, ngaphambi kokuba ngiqale umhlangano olandelayo. Niyabo, nje akusiwo lomhlangano owodwa lapha. Ngumhlangano, usuku nosuku, iviki neviki, inyanga nenyanga, unyaka nonyaka, niyabo, futhi ningazibonela.

30 Futhi cabanga ngazo zonke izikhathi, unyaka nonyaka, akukaze nangesisodwa isikhathi Ake asho noma yini kodwa lokho okwakungokuphelele, iqiniso impela; kuzozonke izilwimi, emhlabeni wonke jikelele, kasikhombisa. Niyabo? Akukho-muntu, ndawo, ongasho kodwa lokho obekungokuphelele, ncamashi echashazini, ngasosonke isikhathi. Uma Ethi into ethize izokwenzeka, yayenzeka ngayo nje impela leyondlela. Ngikusho amaviki nezinyanga, neminyaka, ngisho, ngaphambi kokuba kwenzeke, futhi njalo kungokuphelele ncamashi. Akukaze nakanye kwehluleke, futhi akusoze, ngoba lowo nguNkulunkulu. Manje, ngingehluleka, njengomuntu. Ungalokothi ungibuke njengesibonelo, ngoba ngi—nginjengawe nje, isoni nje esisindiswe ngomusa. Kodwa lowo nguNkulunkulu, ongaphezu kwemvelo, niyabo, ezikhomba Yena uqobo. Akadingekile enze lokho, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza.

31 UJesu waphilisa ngoba ukuze kugcwalise iZwi. Wenza lezozinto ngoba ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalizogcwaliseka.

32 Yilokho akwenzela khona namhlanje, ukuze iZwi ligcwaliseke, enginicaphunele lona, ubusuku nobusuku.

33 Manje qaphelani-ke uma uBukhona baKhe buseduze, Bu, impela Buletha amadlingozi. Njengoba ngikhulumile kulokhu kusa, "Noma yini engenamadlingozi ifile." Futhi noma iyiphi inkolo engenamadlingozi athize kuyo, kungcono uyingcwabe, ifile. Buletha amadlingozi. Uyasiphilisa. Kodwa uma siphiliswa, asikhumbule Okwasiphilisayo. Yini ekwenzile na? NguBukhona bukaMoya oNgcwele, uJesu Kristu phakathi kwethu, ezikhomba Yena uqobo ukuthi Uyaphila. Hhayi umzimba wongempela; uma sekuyilesosikhathi, lowomzimba wangempela ubuya uvela eZulwini, isikhathi asisayikubabikho. Yilokho kuphela okwakho. Futhi siyazi ukuthi siphakathi, siphila ezinsukwini zokugcina, ngenkathi lezizinto sezizokwenzeka.

Manje, uNkulunkulu uke waba nezimpumo ngaphambili. Kukhona . . .

34 Yonke into ihamba ngokuthathu, noNkulunkulu. UNkulunkulu upheleliswa kokuthathu. Ukufika kokuqala kukaKristu, uku*hlenga* uMlobokazi waKhe; ukufika kwesibili kukaKristu, ukwe*mukela* uMlobokazi waKhe; ukufika

kwesithathu kukaKristu, *no*Mlobokazi waKhe, ukubusa esikhathinSi seminyaka eyiNkulungwane. Yonke into ihamba kokuthathu.

35 Manje, kade kukhona, kuyoba khona, izimpumo ezintathu. Olunye lwazo, uNkulunkulu waba*ngenisa* emkhunjini, okophumo, ukugibela ngaphezu komhlaba. Isikhathi esilandelayo, uNkulunkulu waba*khipha* e—eGibhithe. Futhi isikhathi esilandelayo, uNkulunkulu uyabe*nyusa*. Ngenisa, khipha, nyusa! Uphumo olulandelayo ngukwenyuka. Sibhekene nolulodwa manje, isikhathi sokwenyuka.

36 Ngokufanayo njengoba ukuphila kwenza into efanayo. Si*ngena* ekuphileni, si*phuma* ekuphileni, *sivukela* ekuphileni, nje into efanayo ncamashi. Ngakho si . . .

37 Inkundla yethu ivuleka kulobubusuku ekuphumeni, noNkulunkulu wayelungiselela ukuthatha isizwe saKhe.

38 UIsrayeli uyisizwe. UNkulunkulu akasebenzani noIsrayeli njengomuntu ngamunye. UIsrayeli uyisizwe, njalo wayesebenzana nabo. Futhi ngezinsuku zokugcina, emva ko—kokumuka kwebandla, khona-ke uNkulunkulu uyosindisa uIsrayeli njegesizwe. Usezweni lendabuko manje, ekulungele. Futhi bayosindiswa, iBhayibheli lathi, "Isizwe siyozalwa ngosuku." UNkulunkulu akasebenzani namaJuda njengomuntu oyedwa. Usebenzana nabo njengesizwe, uIsrayeli, njalo, ngoba yisizwe saKhe.

39 Futhi lapha Ulungiselela ukukhipha isizwe saKhe esizweni, ophumweni, uletha abantu baKhe bevela ekwahlulelweni.

40 Futhi wona impela amanzi aminzisa izwe, asindisa uNowa. Niyabo? Futhi wona impela uMoya oNgcwele, abantu owenqabayo namhlanje, uyomukela iBandla futhi uLenyuse, futhi ulethe ukwahlulela phezu kwabangaLikholwa. UJesu washo.

41 Ngenkathi beMbiza ngo, "Belzabule," ngamanye amazwi, "Wayengumbhuli." Bona . . .

42 Wathi, "Ngizonithethelela ngalokho," iNdodana yomuntu. Umhlatshelo wawungakenziwa. "Kodwa uma uMoya oNgcwele usufika ukwenza into efanayo, izwi elilodwa ukumelana naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe nasezweni elizayo." Uzofanele kwenqatshwe, bese kuthi-ke ukwahlulela kushaye emva kwalokho. Niyabo, inkathazo ngukuthi si . . .

43 Kungifaka emqondweni wesinye isikhathi engafunda ngaso indaba, yetilosi elidala elivela olwandle, futhi i—imbongi esencane eyiNgisi yayiya olwandle. Futhi ngakho imbongi yayibhale kakhulu ngolwandle, kodwa yayingakaze ilubone, ngakho yayisendleleni yayo yehla. Netilosi elidala lathi, kuyo, nesinqamu salo senqawe emlonyeni walo, lathi, "Uyaphi, mlisa wami olungileyo na?"

44 Yathi, "Ngehlela olwandle." Yathi, "Angikaze ngilubone. Ngibhalile ngalo, nalokho abanye abakushoyo, kodwa," yathi, "o, ngixhuxhuma kakhulu ukwazi ukuthi sengisondela olwandle." Yathi, "O, ukuhogela amanzi alo anosawoti wolwandle! Ukubona awalo amakhulu, amakepisi amhlophe alo eqhuma esicongweni salo, nezibhakabhaka ezil'hlaza sibhakabhaka zilubonakalisa, nokuzwa izinyoni zolwandle lapho zindiza ngaphezulu, o, ngiyaxhuxhuma emcabangweni wokulubona!"

45 Itilosi elidala lathi, "Ngazalelwa kulo, iminyaka engamashumi ayisithupha edlule, angiboni lutho oluhle kakhulu ngalo." Niyabo, lalibone okuningi kakhulu kwalo sekuze kwejwayeleka kulo.

46 Manje yileyo indaba ngebandla lePentecostal namhlanje. Libone okuningi kakhulu kukaNkulunkulu, uNkulunkulu useze waba ngojwayelekile kubo. Ningalokothi nilivumele likwenze!

47 Lapha kungekudala, eLouisville, eKentucky. Lapho engivela ekhona, eJeffersonville, eIndiana, kungaphesheya komfula ukusuka kuyo. Inenekazi lalingena esitolo sezinto ezibiza usheleni. Futhi lona (lali) linomfana omncane engalweni yalo, futhi laliya kumakhawunta futhi laliya ngokuhayiza. Laliphakamisa into ethize, liyikhombise umfana omncane; wayevele ahlale nje futhi agqolozele. Laliya kwenye ikhawunta, futhi liphakamise into ethize liyikhombise umfana omncane; wayevele nje agqolozele. Futhi emva kwesikhashana, laphakamisa insimbi encane ekhalayo futhi liqala ukuyikhencezisa, nomfana omncane wavele wagqolozela nje. Futhi laqala ukudazuluka, futhi laphosa izandla zalo phezulu. Futhi abantu esitolo sezinto ezibiza usheleni wayelibhekisisa, ngakho baya kulo ukuba bathole ukuthi yini eyayingalungile.

48 Lathi, "Ngine . . . Umfana wami omncane," lathi, "uneminyaka emithathu kuphela ubudala." Futhi lathi, "Ngi . . . Khona manjalo, cishe sekuphele unyaka, uthatha futhi nje ahlale futhi agqolozele emkhathini." Futhi lathi, "Nga—ngamyisa kudokotela," futhi lathi, "nodokotela wanquma ukuba elashwe ngemithi ethize nezinto." Futhi lathi, "Nodokotela ungitshelile, namhlanje, ukuthi ucabange ukuthi ubesengcono. Kodwa," lathi, "akangcono." Lathi, "Nginyakazise yonke into phambi kwakhe, ebifanele ihehe umfana omncane onguntanga yakhe, anake. Yonke into ebingaheha umntwana omncane onguntanga yakhe, ngiyinyakazise phambi kwakhe, futhi uvele nje ahlale futhi agqolozele emkhathini." Lathi, "Akangcono."

49 Lokho yinto ethize efana nebandla lePentecostal. UNkulunkulu unyakazise sonke isipho, eBhayibhelini, phambi kwawo, futhi asalokhu ehlezi ethule futhi agqolozele emkhathini, njengokungathi nje kwakukhona okungalungile.

Sekuyisikhathi sokuthi ngabe sesiphaphamile, bangane, ngaphambi kokuba kubeleyithi kakhulu. Khumbulani, uNkulunkulu akazinyakazisi lezoziphiwo ngaphandle uma Ezama ukuheha ukunaka kwenu.

UNkulunkulu wayekhipha isizwe esizweni.

50 Njengoba nje Enza manje, uzokhipha uMlobokazi ebandleni, eshiya insali yenzalo yowesifazane. AbaKhethiweyo bayokhishwa ebandleni. Ibandla lokwemvelo liyohlala lapha ledlule kuyo inhlupheko. Lowo *okhethiwe* ngesinye isikhathi ubizwa ngokuthi "oqokiwe, okhethiwe, insali."

51 Ake sibhekisise ukuthi Wakwenza kanjani ngaleyonkathi, ngoba Akaziguquli neze izindlela zaKhe zokwenza izinto. UNkulunkulu unendlela eyodwa yokwenza izinto, futhi yileyondlela Akwenza ngayo, futhi leyo yindlela elungile, njalo. Nibone ukuthi Wakwenza kanjani, nendlela Akwenza ngayo phakathi, futhi khona-ke singathola ukujeqeza kwalokhu.

52 Manje, ngingumfanekisi, impela. Anginamfundo. Ngifanele ngibuke emuva futhi ngibone ukuthi Wenzani. Futhi sifundiswa ukuthi, "ITestamente eLidala laliyisithunzi sezinto ezayo." Ngakho uma ngibuke lapha futhi ngingakaze ngisibone isandla sami, futhi ngibone isithunzi sesandla sami, futhi bengineminwe emihlanu, bengiyoba nomqondo othize omuhle ukuthi uma isandla sami sesifike lapho, bengineminwe emihlanu. Ngakho okwenzeka kubo kwakuyizibonelo zokuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto, indlela Akwenza ngayo manje.

53 Futhi indlela Akwenza ngayo, Akaguquki neze kulokho. Ngaso sonke isikhathi, eBhayibhelini lonke, Akayiguquli neze indlela yaKhe yokwenza izinto. Ngokuqhubekayo iyafana, ngoba indlela yaKhe yokuqala yokukwenza iyindlela ephelele. Ngoba, Ubengeke abe nenye indlela, ngoba Uphelele, futhi, Yena, konke okwezindlela zaKhe kuphelele. Bhekisisani ukuthi Wakwenza kanjani.

54 UMose wabizwa futhi waziwa phakade ukuthatha lomsebenzi ayeyiwo, aye—ayewuthathile. UNkulunkulu . . .

55 Manje, ngiyacabanga, uma nizokuxolela . . . Angikusho lokhu ngobudedengu. Ngisho kuphela, kulomsamo, a—angazi lutho futhi ngifuna ukungazi lutho kodwa uNkulunkulu. Manje, ngicabanga ukuthi yilapho abazalwane bethu beMvula yakaMuva bethole ukuxoveka khona, niyabo, babeka izandla phezu komunye nomunye futhi babenze abaprofethi nokunye nokunye. Manje, lokho akusikho okungokomBhalo. "Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka." Uzalwa uyinoma yikuphi oyikho. Uyikho, ekuqaleni, oyikho.

56 Bukani labobaFarisi ezinsukwini ezedlulayo. Babenokukhanya nje okuncinyane, ngoba babenga . . . benomthetho, futhi babephila ngomthetho, kodwa emuva phansi ezinhliziyweni zabo kwakumnyama bhuqe.

57 Futhi kwakukhona owesifazane omncane, isifebe, eyakhe ifurl-. . . impilo yangaphambili phezulu *lapha* yayimnyama bhuqe, wayengonesimilo esibi, kodwa phansi enhliziyweni yakhe wayemiselwe ngaphambili ekuPhileni.

58 Kwase kuthi-ke ngenkathi uJesu, iZwi, efika enkundleni, labobaFarisi bathi, "LoMuntu unguBelzabule." Kwenzani na? Kwenza mnyama lokho kukhanya okuncane ababenakho.

59 UJesu wathi, "Nina ningababakayihlo, usathane, futhi nenza imisebenzi yakhe."

60 Kodwa ngenkathi lona omncane, owesifazane ongcolile efika, futhi walibona iZwi likaNkulunkulu, wayeLazi. WayengaLiphili, kodwa wayeLazi. Futhi kwathi nje Lingakhuluma kuye, wathi, "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena." Futhi U . . . Wathi, "Ngiyazi uMesiya uyokwenza lokhu."

Futhi Wathi, "NginguYe."

61 Kwenzani na? Kwahlanza ubumnyama futhi kwabenza bonke babamhlophe. Ngani? Kwakukhona imbewu ilele lapho, imbewu emiselwe ngaphambili eyayise . . . Kwakungumcabango kaNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

62 Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade. Uma unokuPhila okuPhakade, khona-ke wena uqobo lwakho wawusekucabangeni kukaNkulunkulu ngaphambi kokuba izwe lidalwe. Uyingxenye engahlukaniseki yokucabanga kwaKhe, ngoba okuPhakade akuzange kuqale noma akusoze kwaphela. Uyingxenye yomnotho kaNkulunkulu, njalo. Kuyabonisa nje. Kuba yikho manje. Banesinye futhi isithombe ukusikhulisa, lokho ngukufa, bese-ke isithunzi sesithombe sangempela siba yisithombe sangempela, khona-ke usukuMlobokazi nanoKristu, njengoba Acabanga. Njengomnyeni nonkosikazi, namhlanje, ngakho (uNkulunkulu) uKristu neBandla bayofana. Manje, abakhethiwe, babizwa!

UMose wazalwa, "engumntwana omuhle." IBhayibheli lakusho lokho.

63 Omunye wabaprofethi, uJeremiya. UNkulunkulu wathi, "Ungakabunjwa ngisho nasesizalweni sikanyoko, ngakubeka umprofethi esizweni."

64 UJohane umBhaphathizi, ngani, wakhonjwa emBhalweni. UIsaya, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokufika kwakhe, wathi, "Uyizwi lomemeza ehlane, 'Lungisani indlela yeNkosi!'" Futhi cishe eminyakeni engamakhulu amane ngaphambi kokubonakala kwaKhe, futhi siyathola, uMalaki wathi, "Bheka ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela phambi kweNkosi."

65 Niyabo, waziwa phakade. Futhi zazinjalo zonke lezozikhundla zikaNkulunkulu, uma bebizwa nguNkulunkulu.

66 Uma befundiselwe kukho, kungokokuchithwa kuphela, niyabo, kungeke kwaba yilutho. Uma kuyithikithiki lokudla, khona-ke udayisa ngobuzibulo bakho ngenxa yethikithi lokudla, uyoxegisa ukuba uhambe nenhlangano noma iqembu elithize. Kodwa uma kungokukaNkulunkulu, uyoma ngaleloZwi, kungakhathaleki, ngoba wazalelwa ukuba ume ngalo.

67 UMose, akekho omunye futhi owayengathatha indawo yakhe. Akekho omunye futhi owayengenza umsebenzi. Wamiselwa ukukwenza.

68 Futhi, bazalwane, dadewethu, uma ninokuPhila okuPhakade, nakumiselwa ukwenza into ethize. Mhlawumbe inkosikazi yasekhaya enhle, mhlawumbe okunye okuthize, kodwa akukho-muntu ongathatha indawo yakho. UNkulunkulu ukwenzele indawo. Ungazami ukuthatha indawo yomunye umuntu. Lokho ngukuzifanisa ngokwenyama, niyabo, kukhombisa ukuthi kukhona okuthize okungalungile ngawe. Yiba yilokho oyikho, impela nje. Ungabi yilutho okunye.

69 Manje, manje siyathola ukuthi uNkulunkulu wanikeza uMose izibonakaliso ukufakazisa ukuzisho nokubizwa.

70 Futhi sonke isibonakaliso seqiniso, sonke isibonakaliso seqiniso, esithunywe sivela kuNkulunkulu, i...sinephimbo emva kwaso. Manje ningehluleki. Lesi isifundo sami sokugcina kulokhu, niyabo. Sonke isibonakaliso seqiniso...Manje sinezibonakaliso esingaveli kuNkulunkulu; uSathane angacishe impela azifanise nanoma yini ekhona. Kodwa isibonakaliso seqiniso, esithunywe sivela kuNkulunkulu, sinephimbo likaNkulunkulu emva kwaso.

71 UNkulunkulu wathi kuMose, "Uma bengayikulikholwa iphimbo lesibonakaliso sokuqala, khona-ke yenza lesi esinye isibonakaliso phambi kwabo. Bese kuthi-ke uma bengayikukuzwa lokho, thatha amanzi nje futhi uwathululele phezu komhlabathi." Futhi lokho kwakuyisibonakaliso ukuthi bayophuziswa lapho egazini labo uqobo.

72 Qaphelani, futhi ngokufanayo nje njengoba Asho, "Nithintithe uthuli ezinyaweni zenu. Beluyobekezeleka kakhulu iSodoma neGomora, ngalolosuku, kunoma kuyobanjalo kulowomuzi onalayo."

73 Manje asidlali iBandla. Leli *yi*Bandla. UKristu uyiBandla. SikuKristu. UMzimba kaKristu ofiphele, siyazalwa kuWo. Ungeke waWujoyina.

74 Sengibe nomndeni wakwaBranham cishe impela iminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu, futhi abazange bangicele ukuba ngijoyine umndeni. Ngazalwa nginguBranham.

75 Futhi yingaleyondlela ongumKristu ngayo. Uzalwa ungumKristu, awujoyinanga kukho. Uzalwa kukho. Wonke umuntu uyesaba ukuzala. Banendlela ethize enhle ehlanzekile

ukuthatha isandla esincane, noma ukusayina ikhadi elincane, noma ukuxukuzwa kukasowoti namanzi athize kukho. Lokho akusikho ukuzala. Ukuzala yinto embi kakhulu. Ukuzala yi—yinto embi kabi. Angikhathali noma kusehhokweni lengulube, noma e—noma esibuyeni, noma egumbini eliphinki elihlotshisiwe lasesibhedlela; ukuzala kungamahlaphahlapha, futhi kwenza amahlaphahlapha ngawe. Awufuni ukuyekela, awukufuni *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, kodwa izinyembezi ziyogeza upende usuke ebuseni bakho futhi kukwenze umuntu ohlukile. Uma uzalwa ngokusha, kuyokwenza amahlaphahlapha kuwe, kodwa uyoza ngaphambili uyisidalwa esisha. Niyabo? Abakufuni lokho. Bafuna indlela ethize elula, niyazi, futhi azikho izindlela ezilula. Njengeculo, wathi, "Ngizothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi." Akafuni ukuba yisitshalo engajaneni yokukhulela izitshalo.

Sonke isibonakaliso seqiniso sikaNkulunkulu silandelwa yiphimbo likaNkulunkulu.

76 Manje uma umuntu enikeza isibonakaliso ezweni, noma ngasiphi isikhathi, futhi lelophimbo alikhulumayo ngemuva kwalokho akusilo iZwi likaNkulunkulu, khona-ke kubhekisiseni, ningakukholwa. Uma isikole esithize esidala, uma umuntu esukuma futhi athi, akhombise isibonakaliso esivela kuNkulunkulu, bese kuthi-ke ukufundisa komuntu kuyisayensi yezenkolo endala efanayo obunayo kuyo yonke leminyaka, uNkulunkulu akazange athumele lesosibonakaliso. Bukani emuva emBhalweni futhi nibone uma kwakunjalo. Hlolani umBhalo. Umfo uyabuya, futhi wathi, "Manje sonke sifuna ukujoyina *lokhu*. Bekuwudaba oludala olwasungulwa." Ningakukholwa lokho. Sizongena kulokho, emizuzwini embalwa nje, niyabo. Qhabo, ningakukholwa lokho.

77 UNkulunkulu njalo uqinisekisa izibonakaliso zaKhe. Isibonakaliso esivela kuNkulunkulu njalo sikhuluma iphimbo likaNkulunkulu.

78 Futhi uma kuyisikole esidala esifanayo obunaso, kungani Ebenganikeza isibonakaliso, usuvele uphakathi kuso? Uzama ukukufaka kulelokhona. Isayini yesitobhi! Hamba kahle! Buka lapho oya khona! Uyozilahla wena qobo lwakho ekhoneni uma ungabhekisisi. Kunejika eligobe kakhulu, futhi njalo kuyisayini lapho ngaphambi kokuba ujike lelijika eligobile, ukukugcina ungaphahlazeki. Abakhi abakahle bomgwaqo banikeza amasayini. Futhi siyahamba endleleni eya eNkazimulweni. Futhi uma isibonakaliso sikhuluma ngento endala efanayo, besingaveli kuNkulunkulu.

79 UNkulunkulu unikeza izibonakaliso ukuheha ukunaka kwabantu baKhe. Izibonakaliso zingezokuheha ukunaka kwabantu bakaNkulunkulu, izibonakaliso zikaNkulunkulu

sinjalo. Izibonakaliso zikaNkulunkulu sinikezelwe ukuheha ukunaka kwabantu baNkulunkulu.

80 Manje lapha isihlahla esivuthayo sasiyisibonakaliso ukuheha umprofethi, ukuzama, ngoba umprofethi wayebalekele uNkulunkulu, noNkulunkulu wanikeza isihlahla esivuthayo sibe yisibonakaliso. Futhi wabona lesisibonakaliso esixakile; wathi, "Ngizophendukela eceleni ukubona ukuthi lesisibonakaliso esixakile siyini, ukuthi i—isihlahla siyavutha futhi asipheli." Manje uNkulunkulu wayeheha ukunaka komprofethi waKhe obalekayo. Wayengamthola omunye, kodwa wagcoba uMose enzela umsebenzi futhi akukho-muntu omunye oyothatha indawo yakhe.

81 Ohambweni, abanye abafo bazama ukukwenza, niyazi. UDathani waphakama futhi wayefuna ukwenza inhlangano ngakho. UNkulunkulu watshela uMose, "Zahlukanise. Ngizobagwinya nje." Niyabo?

82 UNkulunkulu usebenzelana nomuntu ngamunye. Niyabo? Manje qaphelani lokhu, Wayezama ukuheha ukunaka komprofethi, ukuthola umprofethi endaweni yakhe ekahle, niyabo, futhi Wanikeza isibonakaliso sesihlahla esivuthayo.

83 Futhi, bhekisisani, iphimbo elalandela isibonakaliso kwakuyiphimbo lokomBhalo. "Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, nokububula kwabo, ngenxa yabacindezeli, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi." Amen. Lokho kuyakuxazulula. "Ngiyasikhumbula isithembiso." Lelo kwakuyiphimbo langokomBhalo. "Futhi Ngithumela wena ezansi. Ngehlile ukuba ngibakhulule, futhi Ngithuma wena."

84 Khumbulani, uNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle komuntu. Niyakwazi lokho na? Yilokho okukhuba abantu. Niyabo?

85 Yilokho okwabakhuba ngoJesu. Bathi, "UnguMuntu, uzenza uNkulunkulu." WayenguNkulunkulu, kodwa babengenakukuqonda. "Awu, Wena, unguMuntu nje."

86 Wathi, "Awu, nibiza abaprofethi, 'ngonkulunkulu,' nomthetho wakini wakuqonda. Futhi uma nibabiza 'ngonkulunkulu,' eliza kubo iZwi likaNkulunkulu, ningaNgilahla kanjani mina uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu?"

87 Niyabo, izibonakaliso, ukuheha ukunaka. Futhi, khumbulani, uma ukunaka kuhehwa, kungumugqa omdala ofanayo, akusiye uNkulunkulu.

88 Kodwa uNkulunkulu uzama ukuheha umprofethi manje, futhi Umnika isibonakaliso, nephimbo elalandela isibonakaliso laliyiphimbo langokomBhalo. "Ngibabonile abantu. Ngizwile ngokukhala kwabo. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi."

89 Manje uNkulunkulu uzokhuluma ngeZwi laKhe elithenjisiwe. Ufanele athume umprofethi waKhe, ngokuba iZwi liza kumprofethi. IBhayibheli lasho, uNkulunkulu washo, qobo lwaKhe, ukuthi, "Akenzi lutho aze Akwembule ezincekwini zaKhe abaprofethi kuqala." Niyabo? Bese-ke kunikezwa isibonakaliso. NomBhalo uyakhonjwa, leso yisibonakaliso sePhimbo.

90 Niyasibona isibonakaliso sePhimbo, sikaMose na? Kuqala, isibonakaliso sasiyisihlahla esivuthayo; iPhimbo laliwumBhalo.

91 UMose wathatha lokho njengesibonakaliso saKhe, wayesehlela eGibhithe wayesenza isibonakaliso uNkulunkulu amtshela sona; nesibonakaliso sasinephimbo kuso, nabantu bakholwa futhi basho baphuma. Futhi inqobo nje uma babemasha, benza kahle; kodwa ngenkathi beqala ukukhononda ngokumelana nephimbo, khona-ke bama.

92 Khumbulani, uIsrayeli wahamba. Benazi yini ukuthi babeza kude le kangakanani na? Babeyo . . . Babengamamayela angamashumi amane kuphela, futhi cishe iminyaka engamashumi amane ukukwenza. Ngani na? Yingenxa yokuthi baqala ukukhononda ngokumelana nephimbo elaliveze isibonakaliso. Babazi kancane kanjani nje, ngenkathi bememeza ezansi lapho ezingwini, futhi besina eMoyeni, noMose ecula eMoyeni, babeyizinsuku ezimbalwa kuphela nje ukuqhela. Kodwa baqala ukukhononda, futhi babefuna ukwenza into ethize ehlukile; futhi bahlala iminyaka engamashumi amane ehlane, futhi babhubha phezu kwalo, kunjalo, ngoba abakholwanga. UNkulunkulu wathi, "Abakhulumi ngokumelana nawe, Mose. Bakhuluma ngokumelana naMi." Lelo kwakuyiphimbo likaNkulunkulu, hhayi elikaMose.

93 Manje bhekisisani, uJehova uzokhuluma ngeZwi laKhe elithenjisiwe, ngakho Ufanele athumele abaprofethi baKhe. Lokho, uma nifuna ukubona lokho, lokho kukuGenesisi 15:16. Sithola ukuthi uNkulunkulu watshela uAbrahama, "Inzalo yakho iyogogobala kulelizwe labezizwe, futhi Ngiyakubakhipha ngesandla esinamandla. Ububi bamaAmori abukagcwaliseki." Konke okwezithembiso zaKhe Azinikezayo, lapha Uheha umprofethi, ngesihlahla esivuthayo.

94 Manje ukuba isihlahla esivuthayo sasithe, "Mose, uNkulunkulu unguNkulunkulu."

"Ya, ngiyakukholwa lokho."

95 "O, wenza kahle, Mose, qhubeka nje. Waganwa owesifazane okahle; ungumntwana omuhle. Impela unendodana ekahle! Udumo kuNkulunkulu!" Leso yisikole esidala esifanayo. Niyabo?

96 Kodwa Wayeselungele ukwenza into ethize, ngakho Wadingeka ahehe indoda. Futhi Unika indoda izibonakaliso ezimbili ukuba izenze, wayesethi, "Isibonakaliso ngasinye

sasinephimbo." Lokho kufakazisa ukuthi kunjalo. Manje bhekisisani ukuthi lawomaphimbo akhulumani, ngisho nokudaliweyo. UJehova wayeselungele ukukhuluma manje.

97 Futhi, ukufika komprofethi kuyisibonakaliso. Benikwazi lokho na? Ukufika komprofethi, onyakeni, kuyisibonakaliso.

98 Manje, angiqonde yena uDokotela wezobuNkulunkulu. Angiqonde yena umelusi othize othembekile, umuntu othize olungileyo. Labo ukahle. Labo yizinceku zikaNkulunkulu.

99 Kodwa umprofethi uyisibonakaliso. IBhayibheli lisho njalo lapha. Futhi siyini isibonakaliso sakho na? Isibonakaliso ukuthi iZwi laKhe lilungela ukugcwala, ligcwaliseke ngephimbo lalesisibonakaliso somprofethi.

100 Qaphelani, ukufika komprofethi yisibonakaliso sesixwayiso sokwahlulelwa osekuseduze. Benikwazi lokho na? Ukwahlulela sekulungele ukugadla uma kukhona umprofethi ezweni.

101 Khumbulani, impela unakho, kuqala, kufanele kuqinisekiswe nguNkulunkulu neZwi langalolosuku, futhi khona-ke wenza isibonakaliso. Futhi khona-ke bhekisisa lesosibonakaliso, lokho akubikezelayo. Wathi, "Uma kufezeka, khona-ke mzweni." UNumeri 12:6. "Uma kungafezeki, kukhohlwe." Kufanele kube isibonakaliso sangokomBhalo Asinikezayo.

102 Futhi Akunikezela isibonakaliso, ngesikhathi esisodwa, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Unikeza ngokuqhubekayo okufanayo. "IZwi leNkosi lafika kubaprofethi." BabeyiZwi. Futhi ngenkathi uJesu efika, WayeyiZwi. Futhi iZwi lehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo, ngokuqhubekayo, kuqhubeke kuqhubeke. Manje bhekisisani.

103 Ukufika kwalomprofethi, kunikeza isibonakaliso, sokuthi, "ukwahlulela sekuseduze," njalo.

104 Ake sime nje okwemizuzu embalwa nje. Ngeke ngithathe isikhathi eside kakhulu. Ake sihlole nje okuthi akube kubili manje, cishe okwemizuzu eyishumi. Futhi umlayezo wonke, njalo, okwemizuzu eyishumi.

105 UNowa, umprofethi ezweni—ezweni, isibonakaliso sokwahlulela okuzayo. UMose, umprofethi ezweni, isibonakaliso sokwahlulela okuzayo. UElija, umprofethi ezweni, isibonakaliso sokwahlulela okuzayo. UJohane, umprofethi ezweni, isibonakaliso sokwahlulela okuzayo kuIsrayeli; banqunywa ngokoqobo.

106 Qaphelani, isibonakaliso! Senzani isibonakaliso na? Isibonakaliso esokuheha ukunaka, nokuthola abakhethiwe balungele, futhi baphume endleleni ngaphambi kokuba ukwahlulela kushaye. Yilokho uNowa akwenza, wathola abakhethiwe balungele. Bonke abanye, futhi kwenzani na? Isibonakaliso, nephimbo lesibonakaliso, kulahla ngecala

ongakholwa futhi kumlungiselele ukwahlulelwa. Kuthola okhethiwe alungele ukuphunyuka. Siyilokho isibonakaliso. Zinikezelelwa lokho izibonakaliso, ukwahlulela okuzayo. Kwabakhethiwe, bayakubona.

107 Njengowesifazane omncane nenhliziyo emsulwa, nomzimba ongcolile; nabaFarisi nemizimba emsulwa, nenhliziyo engcolile. Kwalahla oyedwa ngecala, futhi kusindise omunye.

108 Futhi zona impela izahlulelo ezasindisa uMose, zalahla ngecala izwe; ukushumayela kwakhe.

109 Kuthola abakhethiweyo balungele. Abakhethiweyo balungiselela ini na? Uma bebona isibonakaliso esithunyelwe nguNkulunkulu, babuka emuva emBhalweni futhi babone ukuthi lokho kufanele yini kube khona. "Ya, nakhu." Kuyini na? Ukwahlulela okusalindile. Manje-ke abakhethiweyo ulalela iphimbo.

110 Kodwa ongakhethiwe akakunaki, futhi bathi, "Umbhedo. Qhubeka! Sizothatha isikole esidala esifanayo." Niyabo? Yileyondlela abenza ngayo ezinsukwini zikaLuther. Yileyondlela abenza ngayo ezinsukwini zikaWesley. Yileyondlela a—abenza ngayo manje, indlela abenze ngayo njalo.

111 Kodwa yisibonakaliso, futhi sinephimbo elilandela isibonakaliso. Nephimbo likhonjwa njengephimbo langokomBhalo. Manje ningakukhohlwa lokho. Manje kugcineni lokho kungena, ngoba ngingahle ngingaphinde nginibone futhi.

112 Ngifisa sengathi benginendlela ukuthi bengingehlela lapha ndawondawo futhi ngithole bonke abazalwene bami, ngenkathi bebengenazimvuselelo eziqhubekayo, ngimise ithende bese ngihlala nje, usuku nosuku, futhi ngikufundise kuze—kuze kuzike ngempela. Kodwa Ubengekuvumele lokho, angicabangi. Niyabo, sisondele kakhulu ekupheleni. Ngikholwa ukuthi khona manje sisekupheleni.

113 Encwadini yami phakathi lapho, engangilokhu ngibhala phansi. Ngo 1933, ngokunye ukusa, ngilungiselela ukuya kuSonto-sikole, uSonto-sikole weBaptisti lapho enganginguMelusi khona, uMoya oNgcwele uyafika futhi wangikhombisa kwehle kuyofika esikhathini sokuphela, futhi wangikhombisa izinto eziyisikhombisa ezazizokwenzeka. Ngazimaka phansi. Kusephepheni eliphuzi elidala.

114 Wangitshela khona impela ukuthi iJalimane yayizowakha kanjani lowoMugqa iSiegfried, nokuthi amaMelika ayezokuthatha kanjani ukushaywa okukhulu kuwo, iminyaka eyishumi nanye ngaphambi kokuba u—umugqa uze wakhiwe.

115 Washo ukuthi uMussolini uyovuka kanjani, nokuthi wayezoya kanjani eEthiopia, nokuthi iEthiopia yayizo "wela

kanjani ezinyathelweni zakhe.” Futhi wayezofa ngokuyihlazo, abhekiswe phansi, nabantu bakhe uqobo bamphimisele.

116 Futhi ngathi, “Kunezijobelelo zemibuso ezintathu; ubuKhomanisi, umbuso wamaNtaliyane, nombuso wamaJalimane. Yonke iyophethela ngokuphumela eRashiya, ebuKhomanisini.” Futhi buyobhubhisa ubuKatolika. Bonani ukuthi abububhubhisi yini!

117 Ngathi, “Inqubekela phambili engaka iyokwenzeka!” Ngathi, “Ngibona izimoto zibukeka njengeqanda, zehla ngomgwaqo. Kunezimoto ezehla ngemigwaqo emikhulu, nolunye ohlobo lokulawula, abadingi ukuyiqondisa. Ngibone umndeni waseMelika udlala umdlalo wedrafti kwingemuva lemoto.” Sebenayo imoto khona manje, ukuba nje bebenemigwaqo emikhulu ukuyibeka kuyo. IVolkswagen encane iyiqanda eliphelele, impela nje, futhi yizo zonke ezinye izimoto. Ungathini nje, ngo 1933, ukuthi izimoto zazibukeka zinjani, kuya manje na?

118 Kwase kuthi-ke Kwabikezela futhi, lokho, bevumela abesifazane bavote, nokuthi bayokwenzani. Nokuthi likanjani lelizwe, liyisifanekiso, njengoIsrayeli, engena ezweni futhi waxosha abahlali, futhi walidla ifa izwe. Namakhosi ambalwa okuqala ababenawo, uDavide noSolomoni, babengamakhosi amesabayo uNkulunkulu. Emva kwesikhashana, bathola uAhabi enkundleni. Bamvotela ukuba angene. Isihlalo siyothola . . . ibandla laba ngeliyizwe. Futhi, sibe noLincoln noWashington, bukani ukuthi liyini namhlanje. Bukani lapho esiya khona manje. Iphi into elandelayo na? Sisesikhathini sokuphela.

119 Futhi yisibonakaliso, kokwemvelo, impela nje. Sithola abakhethiweyo balungele; futhi silahla ngecala, ukuya ekwahlulelweni, ongakholwayo.

120 “Uma lomprofethi engumprofethi weqiniso, nakushoyo kufezeka,” iBhayibheli lathi, kuNumeri 12:6, “sizweni isexwayiso sakhe, ngoba siqinisekise ukuthi akusuye umuntu.” U—umprofethi ungumuntu. Kodwa iphimbo elivela esibonakalisweni esingaphezu kwemvelo liyiphimbo langokomBhalo, liyaqinisekiswa, khona-ke liyisexwayiso.

121 IBhayibheli lalotshwa ngabaprofethi, khumbulani. KuPetru wesiBili, futhi, 1:21. KumaHeberu 1:1, futhi.

122 INsika yoMlilo, kuMose, yayiyisibonakaliso, iphimbo lalizokhuluma. INsika yoMlilo yakhombisa ukuthi iphimbo lalizokhuluma. Leso yisibonakaliso, iNsika yoMlilo. Nina bantu benifanele nikukhumbule lokho eHouston, kungekudala.

123 UMose, umprofethi, isibonakaliso kuIsrayeli, ukuthi isithembiso sasesithi nje asilungele ukugcwaliseka. Ngenkathi uMose ehla wayesenza isibonakaliso somprofethi, bazi ngayo leyonkathi ukuthi wayezobabuthela ndawonye.

124 Liphelele kanjani nje iZwi likaNkulunkulu ngokuhlelekile, njalo ngesikhathi liyafana. Ngisho nanjengoba ngishilo izolo ebusuku, ukuthi ikanjani uUrimu Thumimi, nayo yonke into, ibihlala njalo iphendula kuNkulunkulu.

125 Asithathe umprofethi futhi, umzuzwana nje, uJona. Benginesahluko 1 sikaJona sibhalwe phansi lapha, isahluko 1 lapha sesiprofetho sakhe. UJona uphuma esiswini somkhomo, wayeyisibonakaliso. Niyabo, abantu babengabahedeni. Babekhonza onkulunkulu bolwandle, nonkulunkulu wabo wolwandle kwakungumkhomo.

126 Manje abantu abaningi bazama ukumgxeka uJona. Njalo ngangiba ngakuJona. UJona wayengaphumile entandweni yeNkosi. "Izinyathelo zabalungileyo siqiniswa yiNkosi." Sifuna ukuthi, "UnguJona." Kodwa ake sikuthathe nje okwakho . . . ukuthi kubizani, kanye. Ngiyazi ukuthi wayefanele ukuya eNineva, kodwa uNkulunkulu wayenaye ukuba athathe lowomkhumbi aye eTharashishi. Futhi Waba nenkathazo ukuba ifike phezu kolwandle.

127 UJona wathi, "Bophani izandla zami nezinyawo. Yimi engisenkathazweni, oyibangele." Futhi bamphosela ngaphandle. Nenhlanzi yayitshuza emanzini, inhlanzi enkulu eyagwinya uJona. Ngiyazi ukuthi kul'khuni kwisayense ukuba ikukholwe.

128 Lapha kungekudala, eLouisville, eKentucky, cishe eminyakeni eyishumi edlule, babeno—nomkhomo ulele phezu kwe—kwenqola yesitimela eyisicaba. Futhi kwakukhona omunye uRicky omncane lapho, wayenobuningi ubuhlakani kunoma wayazi ukuthi bulawulwa kanjani. Wayezama ukwenza iBhayibheli liphume liqambe amanga. Wathi, "Niyazi, nizwa lesosaga esidala seBhayibheli, ukuthi umkhomo wagwinya uJona." Wathi, "Bukani, ubungeke ufake ibhola emphinjeni wawo, wawumncane kakhulu. Kwakungenzeka kanjani ukuba indoda ekhule ngokugcwele ihambe ingene esiswini sawo na?" Wathi, "Niyabo, yisaga esidala nje, njengoba iBhayibheli ligcwele zona."

129 Lokho kwakukukhulu kakhulu ekucabangani kwami—kwami. Ngathi, "Mnumzane, ngithanda ukusho into ethize lapho."

Wathi, "Uzothini na?"

130 Ngathi, "Uyabo, awulifundanga iBhayibheli kahle." Ngathi, "IBhayibheli lathi lona kwakuwumkhomo okhethekile. 'UNkulunkulu wamisela inhlanzi enkulu.' Lena yayakhiwe ngokukhethekile, ukumgwinya ngawo, lokho kwawenza wakwenza! Kwakungesiyona inhlanzi ejwayelekile. UNkulunkulu wayezokwenza umsebenzi ongejwayelekile, ngakho Wathola inhlanzi engejwayelekile." Niyabo? Akabange esasho lutho okunye ngakho ngaleyonkathi. Ngakho, khona, uNkulunkulu wayenento ekhethekile.

131 Njengentombazane encane, ngesinye isikhathi, ivela etabernakele; izinwele zayo ezincane zikanywe zabhekiswa emuva, futhi ziqonde ngqo, zenele kwaze kwathi ubuso bayo obuncane babukeka njengo anyanisi ocwecwiwe. YayineBhayibheli nje, yehla.

132 Lendoda endala egama linguJim Dorsey yayakhe eUtica. Yayingumphiki-nkolo, isosha elidala, futhi—futhi yayingakholelwa kuNkulunkulu. Futhi yathi, "Uyaphi, ntombi na?"

Yathi, "Ngiya ekhaya, mnumzane."

Yathi, "Yini leyo oyiphethe ngengalo yakho na?"

Yathi, "YiBhayibheli."

Yathi, "Awulikholwa lelo, uyalikholwa na?" Futhi i . . .

Yathi, "Yebo, ngiyalikholwa, mnumzane."

133 Yayisithi, "Uyayikholwa leyondaba ephakathi lapho ngomkhomo ugwinya uJona na?"

Yathi, "Ngani, impela, ngikholwa lonke iZwi lalo."

134 Yathi, "Uzokufakazisa kanjani nganoma yiyiphi enye indlela ngaphandle kokukholwa, okubiza ngokukholwa na?"

"Ngani," yathi, "uma ngifika eZulwini ngiyombuza uJona." Niyabo?

Yathi, "Manje-ke uma engekho lapho na?"

135 Yathi, "Khona-ke uyofanele umbuze wena." Ngakho ngacabanga ukuthi lokho kwakuyisiqondiso esihle kakhulu. Ngakho ngicabanga ukuthi kwakuthi lokho akube ngokuqinisileyo.

136 Uma iBhayibheli lathi uJona wagwinya umkhomo, bengiyokukholwa. Wayengawumisela. Okushiwo nguNkulunkulu, uNkulunkulu unamandla okukwenza, futhi Uligcina njalo iZwi laKhe. Ngakho, uJona, sihlekisa ngaye . . .

137 Kodwa nake nayiqaphela inhlanzi uma itshuza na? Izingela ukudla kwayo. Bese kuthi-ke uma idla, iqonda ngqo phansi ekugcineni bese iphumuza izigwedlo zayo ezincane phansi ekugcineni. Phakela izinhlanzi zakho eziyigolide bese ubhekisisa ukuthi kwenzekeni. Zisuthisa isiswana sazo, bese ziya phansi bese zimisa izigwedlo zazo zibhekane ngqo naphansi ekugcineni, bese zilala lapho bese zinethezeka.

138 Awu, lenhlanzi enkulu emiselwe iyafika yase igwinya lomprofethi. Yase yehlela phansi ekugcineni kolwandle, futhi mhlampe amafatome angamashumi amane ukujula lapho. Yaya phansi le, ukuba iziphumulele phansi ekugcineni kolwandle.

139 Manje sicabanga njalo ngoJona. Futhi wonke umuntu uthi, "Manje ngakhulekelwa, kodwa isandla sami asingcono.

Ngakhulekelwa, kodwa angizwa bungcono." Ungalokothi umpongolozele uJona.

140 Manje bukani izimpawu zesifo ayenazo. Manje, indawo yokuqala, wayephandle olwandle olunesiphepho, futhi wayechezukile emzileni uNkulunkulu ayemthume kuwo. Izandla zakhe nezinyawo kwakuboshiwe. Waphoswa kolunesiphepho, ulwandle oludlangayo, nomkhomo wamgwinya futhi waze wayothi ngqu phansi ekugcineni kolwandle. Futhi wayelele lapho ebuhlanzweni, esiswini somkhomo, ukhula lwasolwandle luthandele intamo yakhe. Futhi uma wayebheka *ngapha*, kwakuyisisu somkhomo. Wabheka *ngapho*, kwakuyisisu somkhomo. Ndawozonke lapho ayebheka khona, kwakuyisisu somkhomo. Ukhuluma ngodaba lwezimpawu zesifo, angahle ukuba wayenalo. Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wathi, "Kungumoya nokuyize nje. Angisayikukubuka, kodwa ngiyakubuye ngibuke ethempelini laKho elingcwele."

141 Ngokuba, uSolomoni, indoda yemvelo yasemhlabeni, eyakhuleka ekunikeleni ithempeli, yathi, "Nkosi, uma abantu baKho beba senkathazweni nomaphi, futhi babuke kulendawo engcwele, bese-ke uzwa eZulwini."

142 NoJona wayenokukholwa kulokho uSolomoni ayekukhulekile. NoNkulunkulu wamkhulula emkhomeni, emva kwezinsuku ezintathu nobusuku. Angahle ukuba wabeka ithende leoksijini phansi lapho. Angazi ukuthi Wenzani, kodwa Wamgcina ephilile izinsuku ezintathu nobusuku, ngokweZwi. NeZwi liqinisile.

143 Awu, uma uJona, phansi kwalezozimo, akwazi ukubuka futhi etabernakele elenziwa ngumuntu, besifanele kangakanani wena nami, kulobubusuku, ukubuka eThempelini lapho uJesu emi khona ngakwesokudla soMkhulu, neGazi laKhe uQobo, enza izinxuselo ekuvumeni kwethu, ezimpawini ezincane zethu zesifo! Ungamlahli ngecala uJona, bese-ke ubuka kulokho okungalungile ngawe. Buka isithembiso, "UNkulunkulu washo njalo!" Uma ningabantwana bakaAbrahama, "UNkulunkulu washo njalo!" Wenza isithembiso, futhi lokho kuyakuxazulula.

144 Qaphelani, bonke abantu wayephandle edoba, futhi bedonsa amanetha abo nezinto. Emva kwesikhasha, nakhu kwenyuka unkulunkulu wolwandle, umkhomo, ushesha uya ngasogwini. Wonke umuntu wawa ngamadolo abo. UNkulunkulu uyazi ukuthi izinto zenziwa kanjani. Futhi wafika ogwini ngqo futhi wakhipha ulimi lwawo, futhi, ngenkathi ukwenza, nakhu kufika umprofethi ephuma ngqo emlonyeni womkhomo. Umprofethi! Unkulunkulu uphimisa umprofethi khona ogwini. Akumangalisi baphenduka. Niyabo?

145 Leso kwakuyisibonakaliso. UJona ekhishwa ngumkhomo, kwakuyisibonakaliso. Wenzani na? Leso kwakusibonakaliso esivela kuNkulunkulu. Lathini iphimbo na? "Phendukani

noma nibhubhe, ezinsukwini ezingamashumi amane." Isibonakaliso sikaNkulunkulu; iphimbo likaNkulunkulu! Njalo, uma uNkulunkulu ethumela isibonakaliso, uNkulunkulu uthumela iphimbo laKhe emva kwalesibonakaliso. Qaphelani, "Phendukani, noma phakathi kwezinsukwini ezingamashumi amane lomuzi wonke uzobhubha."

146 UJohane umprofethi ebonakala emhlabeni, emva kweminyaka engamakhulu amane kungekho mprofethi; isibonakaliso emva kweminyaka engamakhulu amane, ngaye ebonakala. Lesosikhathi esincane esinqenisayo!

147 Manje uma ungowokomoya uzokubamba engikushoyo. Kwangathi uNkulunkulu angavula ukuqonda kwenu. Ukuthi sekube yisikhathi eside kangakanani!

148 Iminyaka engamakhulu amane, uIsrayeli engenamprofethi, amabandla ayesesonteke kakhulu, futhi manje-ke nakhu kufika uJohane enkundleni. UJohane wayengumprofethi, isibonakaliso ukuthi uMesiya wayezokhuluma emva kwakhe. Bhekisisani. Ngoba, uMalaki 3 wathi, "Ngiyakuthuma isiThunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela, alungise abantu."

149 Bukani uJohane, kungekho kuzidla kuye. Akazange athathe nkazimulo. Bazama ukumbiza ngoMesiya; kodwa wathi, "Angifanele ukuthukulula izicathulo zaKhe."

150 Kodwa kwathi nje uJesu angabonakala, Wayenesibonakaliso, iNsika yoMlilo, ukuKhanya phezu kwaKhe, njengejuba lehla iphimbo lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ngaYo."

151 Qaphelani, futhi uJohane masinya wathi, "Umele akhule. Ngimele nginciphe." Wethula iBandla kuKristu. Amen.

152 Siyatshelwa ukuthi, ngezinsuku zokugcina, lokho kuyophinda futhi! Kuzobakhona uMlayezo ophumayo, ozokwethula uMesiya kubantu. Futhi uyobangangokuthi, bayoma beshaqekile njengoba benza ngaleyonkathi. Wakwethembisa. Isahluko esilandelayo sikaMathewu, sikaMalaki, sisitshela ngakho. Bhekisisani.

153 Babuza ngakho. Imvelo kaJohane yamkhomba emoyeni kaElija. Manje qaphelani abaprofethi ababili.

154 Manje, uElija wayengumuntu owavukayo ngesikhathi sikaIsrayeli, enxushunxushwini.

155 UAhabi wayeyinkosi. Futhi bonke abesifazane babebhuqe emva kukaJezibele, futhi mhlampe egunde izinwele zibe yinkimbinkimbi nayoyonke into, mhlampe njengoba sinazo namhlanje. Futhi bonke babelandele uJezibele. Nabelusi bacabanga, "Lokho kwakukuhle nje. Bayekeni. Bayekeni bakwenze."

156 Futhi ngalesosikhathi, uNkulunkulu wavusa indoda evela ehlane, egama linguElija. Asazi ngisho lapho evela khona.

Wayengenasikole ukuba simkhombe. Kodwa wavuka, futhi wazilahla ngecala zonke lezozinto. Wakulahla ngecala konke okuhleliwe.

157 Ukuba ubengafika enkundleni, namhlanje, ubeyokulahla ngecala okuhleliwe kwethu nakho.

158 Wabalahla ngecala bonke oJezibele. Futhi khona, ekugcineni, kwaba nguye owabhidliza umprofethi. Waphuma wabaleka, njengoJohane; walala phansi konwele ngenkathi uJezibele wayezombulala. Wayemzonda.

159 Futhi manje-ke sithola ukuthi ngenkathi uJohane efika, ephuma ehlane futhi, umthandi wehlane, enomlayezo oqonde ngqo kwabesifazane besimodeni behlala behlukanisile futhi beganile, futhi baphinde bagane, wayisika into yaba yizicucu. Akaveli neze kunoma yisiphi isikole. Uvela kuNkulunkulu, umuntu othunywe evela kuNkulunkulu. Futhi wabalahla ngecala abesifazane besimodeni, wamelana nabo kanzima, futhi akazange ancenge. Kodwa ngokusobala wathi, "Isikhathi sasesiseduze, uMesiya wayezokhuluma." Bukani lokho.

160 Manje qhathanisa isikhathi sokufika kukaElija sokuqala nabanye balababaprofethi besimodeni banamhlanje, bevumela oJezibele babo bagunde izinwele zabo, futhi bagqoke izikhindi, babheme osikilidi, noma yini abafuna ukuyenza, bahambe bebahola. Kungcono angasho lutho, uzomshiya, athole omunye. Bahambe bebahola ngezivumokholo ezenziwe ngumuntu; lokho kungamahloni, izimfundiso zomuntu. Futhi, ngokwenza lokho, bayenza ize imiyalo kaNkulunkulu, ngoba bangajoyina ibandla futhi babe besalokhu bezisho ukuthi bangamaKristu, futhi babambe amalungelo abo futhi bathi bangamaKristu, futhi baqhubeke. Yilokho abakufunayo. Yilokho abakwenza ngaleyonkathi.

161 Kodwa, khumbulani, kusesikhathini esinje esinjengaleso, njengoba uNkulunkulu ethembisa kuMalaki 4, ukuthi Wayezogcwalisa iZwi futhi. Kunjalo. Bukani lapho esikhona namhlanje, njengoba kwakunjalo nje esikhathini sikaJohane, njengoba kwakunjalo nje kwezinye izikhathi.

162 Bukani loAmose omdadlana evuka, umfo omdadlana. Asazi ukuthi uvelaphi. Wayengumelusi. UNkulunkulu wayemkhipha emadlelweni ezimvu nasemadlelweni amankomazi, futhi, futhi emqeqesha. Futhi ngenkathi efika eSamariya, futhi ngenkathi esukuma futhi evuswa ngale kwalelogquma ngalolosuku, wabuka phansi lapho. Nalelolanga likhanya ekhandeni lakhe elinempandla, nobuhwanqa bakhe bumpunga, namehlo akhe aqoqana ndawonye futhi akhazimula. Amehlo akhe okumesaba uNkulunkulu acwayiza, hhayi ngenxa yezinkundla izivakashi ezazibonayo lapho zingena kuyo, ngoba wonke umuzi wawunikelwe esonweni.

163 Ubani lo omncane, umuntu ongakhombeki na? Yebo, nguAmose, umprofethi. Waprofetha ngezinsuku zikaJerobowamu wesiBili, inkosi eyimbuka, ivumela abantu benze noma yini. Abapristi wonke wayezojeza ngakho. Bakha amabandla amahle kunawo onke. Babenokugqoka kahle kunabo bonke. Abesifazane babo wayenesimilo esibi. Babegqoka noma ngayiphi indlela ababefuna ngayo. Izivakashi zazitheleka zingena ndawo zonke, ukuzobona amantombazane amahle nokuqhubeka kwawo.

164 Enye nje iU.S.A. yesimodeni, efanele ukuba ngabantu bakaNkulunkulu. Akukho-muntu osho lutho ngakho. Kubonakala kungukukhamfuna okunje pho kubantu. Fif- . . .

165 Iminyaka eyishumi nesishiyagalombili manje, namhlanje! URebekah wami uneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, namhlanje. Iminyaka eyishumi nesishiyagalombili, nginqamule kulesisizwe, ngizilahla ngecala lezizinto. Futhi uma ngibuya, unyaka nonyaka, kunabaningi abanye abesifazane abaphungule izinwele owayekhona ngiqala ukuqala.

166 Omkhulu, umshumayeli wamaPentecostal odumile wangifaka ekamelweni, cishe sekwedlule unyaka, okahle, owaziwayo, indoda eyaziwa umhlaba jikelele. Wathi ngi . . . "Mfowethu Branham, ake ngibeke izandla zami phezu kwakho futhi ngikukhulekele."

Ngathi, "Angiguli."

167 Wathi, "Kodwa kukhona okungalungile." Wathi, "Mfowethu Branham, uzoyona inkonzo yakho. Akukho-muntu ozobambisana. Akumangalisi abashumayeli bengayikubambisana nawe; yindlela olahla ngayo labo besifazane ngecala."

Wathi, "Labobantu bakubiza ngomprofethi."

Ngathi, "Angizange ngithi nganginguye."

168 Wathi, "Kodwa bacabanga ukuthi unguye." Wathi, "Ngikholwa yinto efanayo." Wathi, "Wabizelwa ukukhulekela abagulayo." Wathi, "Khulekela abagulayo, futhi uhlukane nalabo besifazane. Ubalimaza imizwa yabo."

Ngathi, "Kanjani?"

169 Wathi, "Ukhuluma ngabo benezinwele eziphunguliwe nezinto."

Ngathi, "Lokho akulungile."

170 IBhayibheli lathi, "Owesifazane o—ogunda izinwele zakhe, umyeni wakhe unelungelo lokumlahla ngesahlukaniso." Kunjalo impela. "Uhlazisa ikhanda lakhe." Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Manje angazi noma uyakuthanda lokho noma qha, kodwa yilokho iBhayibheli elakushoyo, kwabaseKorinte bokuQala.

171 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . mpintsha isikhumba isikhumba size sibe ngaphandle. Bese kuthi-ke ba—bafike ngapha, bathi, "Ngani, Mnumzane Branham, yilolohlobo kuphela lwezingubo zokugqoka abaludayisayo."

172 Basenazo izimpahla nemishini yokuthunga. Akukho zaba. Abesifazane abangama Amishi namaDunkard basazigqoka. Impela. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.]

Futhi kwenzekani na? Baphumela lapho futhi baqhubeke.

173 Owesifazane wathi, "Awu, Mnumzane Branham, angizigqoki izikhindi. Ngigqoka i s- . . ." Yini lawo, pedal pu- . . . [Umfowethu uthi, "Ibhulukwe elinelastiki ngaphansi konyawo."—Umhl.] Ya. Wathi, "Ngigqoka lona."

174 Ngathi, "Lokho kubi kakhulu." Ngathi, "IBhayibheli lithi, 'Kuyisinengiso ukuba owesifazane embathe ingubo engeyowesilisa.'" Futhi hlobo luni lokubona okubukeka kungcolile leUnited States eyilo manje! Niyabo? Kunjalo.

175 Ake ngikutshele okuthize, dade. Ungahle ube msulwa njengomnduze, kumyeni wakho noma isoka lakho, kodwa ngoSuku lokwaHlulelwa uzophendula ngokuphinga. UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye vele." Uma lesosoni sikubukile, futhi uzophendula ngoSuku lokwaHlulelwa. Uziveze wena kuso. Zibonele wena. Ehhe.

176 Uyofunelani owesifazane omesabayo uNkulunkulu ukugqoka kanjalo na? Bese-ke uzisho ukuthi unoMoya oNgcwele ngoba wakhuluma ngezilimi futhi wagijima wehla-wenyuka nephansi lendlu na? Lokho, nokho, ngibabonile abahedeni benza lokho, amaLawu. UMoya oNgcwele ungubumhlophe, ungcwele, awungcolisiwe. Impela.

177 Lendoda yathi, "Uma u . . . Bakukholwa ukuthi ungumprofethi. Awubafundisi ngani ukuthi zemukelwa kanjani iziphiwo ezinkulu zokomoya, nokuthi bamenzele kanjani uNkulunkulu izinto na? Awubafundisi ngani lokho uma ungumprofethi na?"

178 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa bebe bengayikufunda ngisho oABC babo na?" Niyazi ukuthi kusho ukuthini ukuthi ABC na? Njalo kholwa nguKristu. Ehhe. Uzokwenza kanjani lokho na? Uyabo, ufuna ukwenyukela phezulu le *lapho*, esikhundleni sokuqala phansi *lapha*.

179 UNkulunkulu uyokwakha iBandla laKhe phezu kwesisekelo sikaJesu Kristu, nalelo yiBhayibheli. Ngaphandle kwalokho, yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo. UNkulunkulu akaguquki. Imvelo yaKhe ayiguquki.

180 Wenza abesifazane behluka kowesilisa, nowesilisa wehluka kwabesifazane. Wabagqokisa okwehlukile, futhi ubafuna bahlale ngaleyondlela. Niyabo? Abesifazane ufuna ukubukeka

njengowesilisa, nowesilisa ufuna ukubukeka njengabesifazane. O, he! Impendukezelo enje pho! Yi . . . Nayo yonk'into, kubukeka sengathi ibabambe-ngqi abantu, futhi ungeke wakuguqula. Kubukeka njengenunu enkulu, ubumnyama obukhulu; uma niqonda ukuthi ngikhuluma ngani, emoyeni. Inunu ibadumele, futhi ba—abakwazi nje ukusuka kuyo; iningi kakhulu iHollywood, iningi kakhulu itelevishini, mningi kakhulu omunye umbhedo. Yonke into esinayo yonakalisiwe. Akumangalisi, "Uma umsebenzi ungafinyezwa, ngenxa yabaKhethiweyo, akuyikubakho-nyama esindiswayo."

181 Wena uthe, "Angizange ngikwazi lokho ngaphambilini." Awu, manje usuyakwazi, kusukela manje kuqhubeke. Niyabo? Lokho yi . . . Kungcono ngikumise lokho. Asibuyele emuva. Qaphelani.

182 UJohane wayeyisibonakaliso. Futhi kukhumbuleni lokho, indlela uNkulunkulu akwenza ngayo okokuqala, yileyondlela Azokwenza ngayo futhi. Wethembisa ukukwenza. Manje, uNkulunkulu akazange asebenzise iqembu labantu, nganoma yisiphi isikhathi, kokunjalo.

183 Khumbulani, kwakukhona iqembu ngesinye isikhathi, ukuthi, indoda enkulu egama linguAhabi, wazitholela i . . . wazitholela abaprofethi abangamaIsrayeli abangamakhulu amane. Manje, labo kwakungesibo abaprofethi abangabahedeni. Abaprofethi abangamaIsrayeli abangamakhulu amane. Bonke babenesiqu sabo nayo yonke into, benesikole esikhulu.

184 Kwakunendoda emesabayo uNkulunkulu egama linguJehoshafati, owayeyinkosi yakwaJuda, futhi uyehla. Futhi yilapho ikholwa lazixubanisa khona nongakholwayo. Izinto zabheda.

185 Wayesethi, "IRamoti-Gileyadi." Manje bhekisisani lokhu, ukuthi kungaba kanjani yiqiniso. Wathi, "IRamoti-Gileyadi lingelethu, enhla lapho. Enhla engxenyeni yezwe enhla lapho, lelo lingelethu." UJoshuwa, ekwabeni amazwe, unika lelo uIsrayeli. NamaFilisti, abahedeni, beza neno futhi balithatha kubo. Wathi, "Lelo lingelethu."

186 Manje bhekisisani ukuthi kanjani, ngokusuka emsukeni, abantu bangaba ngabaqinisile futhi nokho baLigeje. Into empeleni yayingekaIsrayeli. Kodwa zonke ezezithembiso zikaNkulunkulu, mfowethu, kusemibandeleni, niyabo, "Uma behamba phambi kweNkosi."

187 Manje bukani lapha. Wathi, "Uzokwenyuka nami, futhi ungisize sibuyise lelozwe na? Awu, lokho ngukuthi, lezozinganyana zamaFilisti zigcwalisa izisu zazo laphaya, ngokolo ongokaIsrayeli." Lokho kuqinisile ngokomBhalo. Wathi, "Ngisize ngenyuke futhi ngibathole."

188 Wathi, "Awu, okwami. . ." Lapho wenza iphutha eluwubudedengu. "Izinqola zami zempi ngezakho, indoda yami ifana neyakho. Ngizohamba nawe."

189 Kwase kuthi-ke uJehoshafati uqala ukucabanga, uyazi. "Awusho, singabuzi yini eNkosini ngalokhu ngaphambi kokuba sihambe na?"

190 "O, kusobala," uAhabi wathi, "impela. Ehhe. Ngiyaxolisa. Bengi—ngifanele ngicabange ngalokho."

"Akekho yini umprofethi ndawondawo na?"

191 "O, impela. Ngine—ngine—nekholiji labo ezansi lapha, abedlula bonke owake wababona. Bonke bagqoka izingubo ezinhle kunazo zonke. Bayizifundiswa ezinkulu eziphucuke ngokuphakeme kunazo zonke. Ngibafundise imfundo, kuze kuyofika echashazini. Sizohamba sibalande."

192 Ngakho behlela lapho. Futhi bonke bahlangana ndawonye. Babengesibo abazenzisayo. Bakhuleka bakhuleka bakhuleka, baze babona umbono.

193 Bese-ke benyuka. Nomunye wabo wazenzela izimpondo ezinkulu ezimbili ngensimbi. Wathi, "Ngalokhu uzocindezela umFilisti, noma a—ama Asiriya, athi ngquzu aphume ezweni." Wathi, "ISHO KANJE INKOSI. Yenyuka, iNkosi inawe." Bonke, ngaleyonkathi, ngakuzwana kunye, bawela emoyeni. Abaprofethi abangamaIsrayeli bathi, "Yenyuka, iNkosi inawe." Wena uthi, ngabe lokho kungokomBhalo na? "UNkulunkulu wanikela lelifa kubantu, nesitha sinalo. Unelungelo lokuhamba ulithathe."

Manje, Phentekoste, ngifuna uthole isifundo lapha.

194 Kodwa, uJehoshafati, engumuntu omesabayo uNkulunkulu, wathi, "Isekhona into encane engalungile namanje." Wathi, "Awusenaye omunye futhi na?"

195 "Omunye futhi, emva kwabaprofehi abangamakhulu amane abaqeqeshwe kahle bemi lapha na?" Abaningi njengalo abakwiphansi lendlu lapha. "Bemi bekuzwana kunye, bethi, 'ISHO KANJE INKOSI.' Kuphendule, futhi uthi, 'UJoshuwa usinika izwe. Lingelethu. Hamba ulithathe!'"

196 Kodwa uJehoshafati wacela omunye. Wathi, "Akekho omunye esingabuza iNkosi ngaye na?"

197 Wathi, "O, ukhona omunye futhi, kodwa," wathi, "Ngiyamzonda." Ehhe, ehhe. Wathi, "NguMikhaya, indodana kaImla." Wathi, "Ngiyamzonda. Uhlala njalo esho izinto ezimbi ngami."

Wathi, "Inkosi mayingasho njalo. Hamba umlande."

198 Khona-ke bathumela izigijimi ezithize ngaleya. Futhi ezinye zazo zathi, "Manje, Mikhaya, ngifuna ukukutshela okuthize. Manje, uyazi bakukhiphile, -cated wena enhlanganyelweni,

kungekudala, ngoba uhlala njalo usho izinto ezingalungile kubantu. Manje uma ufuna ukubuyisa ikhadi lakho lenhlanganyelo, shono into efanayo abayenzile, futhi, o, bazokuthatha nje bakufake ngaphansi kwengalo yabo."

199 Kodwa kwenzeka ukuthi wayengumprofethi ngempela. Wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, ngizosho kuphela lokho uNkulunkulu akufake emlonyeni wami." O! UNkulunkulu ayibusise indoda. Wathi, "Lindani kuze kube yilobubusuku, futhi ngizobona ukuthi iNkosi ingetshelani."

200 Ngokusa okulandelayo, wathi, "Yenyuka, kodwa ngibone uIsrayeli ehlakazekile njengezimvu ezingenamelusi." Khona-ke wathatha umbono wakhe futhi wawuqhathanisa nalokho okwashiwo uElija, okwakwenzeke kuAhabi. Wayengakubusisa kanjani okwakukade kuqalekisiwe na? Akunandaba ukuthi kanganani . . .

201 Siyisizwe esimesabayo uNkulunkulu. Ibandla lePentecostal, iBaptisti, neMethodisti, nokunye nokunye, bayibandla lamaKristu, kodwa ungakubusisa kanjani uNkulunkulu akuqalekisile na? Anginandaba, wena uthi, "Ngi—ngijoyine *lokhu*. Ngenze *lokhu*." Lokho akunalutho lokwenziwa ngakho. Buka ukuthi wenzeni. Bukani iPhentekoste, ukuthi bayiwisa kanjani imigoqo. Buka ukuthi wawuvame ukuba yini, futhi ubuke ukuthi uyini manje. Akumangalisi, amehlo linjalo, amehlo aphuphuthekisiwe.

202 Khona-ke yena, uAhabi, u . . . Lompristi wammukula emlonyeni. Futhi wathi, "Mfakeni," noAhabi wathi, "mbuyiseleni lapho etilongweni elingaphakathi. Uma sengibuya ngokuthula, ngizobhekana nalomfo."

203 Wathi, "Uma ubuya nokubuya, uNkulunkulu akakhulumanga kimi." Ehhe? Niyabo? Kwakukhona umprofethi, kwakukhona isibonakaliso; kwakukhona iphimbo laKhe. Futhi, ukwehluleka ukulilalela, kwaletha ukwahlulelwa.

204 UMoya oNgcwele ungumprofethi wethu namhlanje. Ukwehluleka ukuzwa iPhimbo laKhe? Ukhonjwa emBhalweni, ukuthi Uyosho lezizinto. UJesu Kristu, isimo sikaMoya oNgcwele!

205 UNkulunkulu wasebenzana nalendoda eyodwa. Lona, uNkulunkulu akasebenzani neze namaqembu; kungendoda eyodwa. UElija wayengesilo iqembu. UJohane wayengesilo iqembu. Babengesilo iqembu noma ihlelo, noyedwa wabo. Kodwa bobabili bakulahla ngecala okunjalo. Kunjalo. UJohane wathi, "Ningacabangi ukuthi nithi sinoAbrahama ubaba wethu. UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe."

206 Futhi isibonakaliso sokuphela kwesikhathi sizoba nePhimbo lesikhathi sokuphela. Futhi isibonakaliso sesikhathi sokuphela siyoba njengalokho okubikezelwe eBhayibhelini. Futhi iPhimbo

lesikhathi sokuphela, elilandela isibonakaliso sesikhathi sokuphela, siyokhonjwa ngokuyikho impela emBhalweni, kuyoba umBhalo othenjisiwe.

207 Manje sifundile kuLuka 17 ukuthi isibonakaliso sesikhathi sokuphela siyoba yini, siyoba njengoba sasinjalo eSodoma, isithembiso. Futhi sineSodoma kokwemvelo, kungani singesikholwe isibonakaliso kokomoya lapha na? Uma ungayibona imiBhalo, futhi, uLuka 17 yisibonakaliso, noMalaki 4 yiPhimbo. Isibonakaliso sasinjengoNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, azi izimfihlo zenhliziyo; nePhimbo likaMalaki 4 laliphendulela abantu libasusa ezivumwenikholo zabo, babuyele ekuKholweni kwawobaba. Leso yisibonakaliso.

208 Niyazi ukuthini? Sengiyavala manje. Izibonakaliso ngokwejwayelekile ziyemukelwa, impela; kodwa, iphimbo, o, qhabo. Iphimbo elilandela isibonakaliso, abafuni kwenza lutho ngalokho. Yebo.

209 Isibonakaliso sikaJesu, njengoMesiya, ukuphilisa abagulayo, bakwemukela lokho. Kodwa ngelinye ilanga Wathi, "Mina noBaba siMunye."

210 O, he, lelophimbo alemukelwanga. Bathi, "Uzenza uNkulunkulu, ulingane noNkulunkulu."

Wathi, "NgiyiNdodana kaNkulunkulu."

211 "O, he, wayengaba kanjani uNkulunkulu neNdodana na? Uyabo, makube kude noNkulunkulu eneNdodana!"

212 Kodwa, niyabo, basikholwa i—isibonakaliso, abagulayo babephiliswa, futhi, o, lokho kwakumangalisa, lokho nje kwakukuhle kakhulu. Kodwa uma sekufika ephimbweni, babengafuni ukukholwa iphimbo. Benzani na? BaMkhipha.

213 Futhi niyazi ukuthini? IBhayibheli liyasitshela, eSambulweni isahluko sesi 3, ngaloNyaka weBandla laseLawodikeya, ukuthi Wayezokwenziwa into efanayo. Wayengaphandle kwebandla. Lelo yiZwi elibonakalisiwe. WayeyiZwi elibonakalisiwe. Usalokhu eyiZwi elibonakalisiwe.

214 Uma ningahle nisikholwe isibonakaliso saseSodoma, sikaLuka, uma ningakholwa yileso, pho anilemukeli ngani iPhimbo likaMalaki 4 na? Niyabo, anikwenzi ngani, nina na? Lingaqinisekiswa. Indlela kuphela elingenziwa ngayo ngukuthi. . . Isibonakaliso singafakazelwa, kodwa uzofanele wemukele iPhimbo.

215 UMose wathunywa ukuba ehle, kokwemvelo, futhi athole isibonakaliso sangokomoya futhi abize abantu babuyele esithembisweni sawobaba.

216 UMalaki 4 ungukuba abuyisele abantu "Babuyele ekuKholweni kwawobaba." O, buyani, O zimpumputhe nabahlakazekileyo, niye kwaba kini!

217 Sengivala, ngizosho lokhu, lesisiphawulo sokugcina. Umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Bukani, wathi, "Kuyakuba lusuku olungebizwe ngemini noma ubusuku." Manje lalelani. Ngiyavala. "Kuyakuba wusuku. . ." Lokhu akucwile kujule, futhi kwangathi uNkulunkulu angakubeka kuzozonke izinhliziyo kulomphakathi, kulobubusuku, kulelihholo. Umprofethi wathi, "Kuyakuba lusuku olungayikubizwa ngokuthi yimini noma ubusuku, oluthe ukukhwantabala, olunemvula, usuku olunenkungu. Kodwa," wathi, "ngesikhathi sokuhlwa, kuyoba ngukuKhanya."

218 Manje, khumbulani, ilanga njalo liphuma eMpumalanga futhi liye entshonalanga. Impucuko ilandele ilanga. Niyakwazi lokho. Futhi, qaphelani, ilanga elifanayo eliphuma eMpumalanga liyilanga elifanayo elishona eNtshonalanga. Manje, impucuko ihambisane ncamashi nelanga, sekuze kwathi manje iMpumalanga neNtshonalanga kwahlangana. SisoGwini lwaseNtshonalanga; iMpumalanga neNtshonalanga.

219 Futhi, khumbulani, iVangeli lihambe ngendlela efanayo. Liphume eMpumalanga, ukufika kukaJesu Kristu, iNdodana iS-o-n, hhayi ilanga is-u-n. INdodana iS-o-n, iNdodana kaNkulunkulu, yavuka eMpumalanga, kubantu baseMpumalanga.

220 Futhi manje kube nosuku abantu ajoyine ngalo ibandla, benza amahlelo, ukukhanya okwenele nje ukuba ubone, "Awu, sizoba nebandla. Sizokwakha *leli*. Sizokwakha isikole. Sizokwakha isibhedlela. Sizofundisa imfundo. Sizoba nekholiji." Babenokukhanya okwenele ukwenza lokho.

221 Kodwa, khumbulani, iBhayibheli lasho, umprofethi weNkosi, eBhayibhelini, okungukuthi ISHO KANJE INKOSI, "Lelolanga elifanayo elakhanya eMpumalanga liyokhanya futhi eNtshonalanga, ngesikhathi sokuhlwa. Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa."

222 Ubeyokwenzani na? Lokho kwenza impela Akusho kuLuka isahluko 17. "Esikhathini sokuphela, lapho iNdodana yomuntu yembulwa ngendlela efanayo Ayeyiyo eMpumalanga, iNdodana efanayo ikhanyisa, Amandla afanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, Into efanayo yenza into efanayo. Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa."

223 Ilanga elifanayo elihambile; iNdodana iS-o-n efanayo ihambile; yehla idabula eMpumalanga, isuka kuPawulu; yagxumela ngale eJalimane, kuMartin Luther; yagxuma futhi, emdonsweni waYo olandelayo; futhi yahamba isuka kulokho yaya eNgilandi, kuJohn Wesley; yagxuma yanqamula uLwandlekazi iAtlantic, iya eUnited States, iya kuyiPhentekoste; futhi manje iPhentekoste isiziphungule yona yaphuma, futhi sesisoGwini.

224 Bonke, bahlela, njengoba benza nje ekuqaleni, benza inhlangano uNkulunkulu ayiqalekisayo. IPhentekoste, nabobonke, benza lokho.

225 Kodwa Wathi, "Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa. Kuyakuba nesibonakaliso esiphumayo ngesikhathi sokuhlwa." NingaKugeji, bangani. NingaKugeji. Manje, iNdodana efanayo iyonikeza ukuKhanya okufanayo. Ilanga elifanayo is-u-n linikeza ukukhanya kwelanga is-u-n okufanayo. INdodana iS-o-n efanayo inikeza ukuKhanya kweNdodana iS-o-n okufanayo.

226 Manje, lokho akusikho ukusho kwami. Wonke umuntu lapha, owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho, phakamisani izandla zenu. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho kunjalo impela.

227 Manje, ungakwenza, kukuwe. Ukholwe ukuthi iNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu, unakho, akafile. Uyaphila. Usekuthobekeni, ukuzithoba. Njalo wayehlala kanjalo. Indlela eya phezulu iphansi. Zithobeni, sukani emicabangweni yenu enesitashi, futhi nikholwe yiNkosi uJesu. Nibone isibonakaliso, bese nikholwa yiPhimbo. Buyani, O bahlakazekileyo, niye kwaba kini!

Asikhothamise amakhanda ethu.

228 "Futhi uma bengakholwa yiPhimbo lesibonakaliso sokuqala, esandleni, njengoba kwakunjalo noMose, bese-ke wenza isibonakaliso sesibili. Manje-ke, uma bengasikholwa lesisibonakaliso, khona-ke uthathe amanzi (amanzi amele ukuphila) lawo asolwandlekazi noma olwandle, uwathululele emhlabathini, ayophenduka igazi."

229 Baba waseZulwini, sekuleyithi ngempela manje, kodwa Wethembisa ukuthi kuyoba ngukuKhanya kusihlwa. Makuthi iPhimbo leVangeli lethu lizike lijule ezinhliziyweni zabantu, njengoba bedlinza ngaLo futhi balitadishe ngeZwi.

230 Busisa lomphakathi, Nkosi. Busisa lababantu. Ukubabona behlezi lapha, belambile, abantwana bandla kade behamba bekhahlelwa futhi behamba becindezelwa, na*lokhu*, ukwazi ukuthi uSathane wenza lokho ukuba nje abaphuphuthekise entweni ngenkathi Ifika lapho. Kwangathi bona, kulobubusuku, ngakuzwana kunye, bamkholwe uJesu Kristu, bakholwe isithembiso saKhe, ukuthi Uvukile kwabafileyo.

231 Wena wathi, "Ngesikhathi abangasicabangiyo, khona-ke iNdodana yomuntu iyakufika."

232 Ngqo ngenkathi ibandla selinakho okwalo, selinemali eningi, lakha izigidi zamadola ezakhiweni. Bebeyoba ngcono, Baba, ngiyakholwa, emuva benokuma ekhoneni, beshaya i—isigujana ithamborini, nesigqoko esandleni sabo, isigubhu esidala ekhoneni njengeSalvation Army, kunokuba

belingabanjalo ukuba lihlale kulamakhaza amakhulu ezidumbu kulobubusuku, bezama ukulingisa izwe, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi Amandla akho bewaphika."

233 Siphe, Nkosi, kulobubusuku, kanye futhi, Nkosi; njengoba uSamsoni akhala, "Kanye futhi, Nkosi, kanye futhi." Makwazeke ukuthi Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu; onguyena izolo, namuhla naphakade. Futhi zikhombe qobo lwaKho phakathi kwethu, ukuze babone isibonakaliso, mhlawumbe bazolikholwa iPhimbo. Kulokhu, ngicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

234 Sizobiza umugqa womkhuleko, ngokukhulu ukushesha. Ngibonile ukuthi sekuyisikhathi impela khona manje ukuthi siyakhishwa. Kodwa asibe nomugqa womkhuleko, umugqa omncane nje womkhuleko, khona-ke sizoqala kusasa.

235 Unikeza amakhadi omkhuleko namhlanje. Ngakho-ke, sinikeza amakhadi usuku ngalunye, ngamunye angathola ithuba ukuthi beze, isikhathi esixakile. Ukwenyukela emgqeni womkhuleko, lokho akukuphilisi. Noma ubani uyazi, kuwo wonke umhlangano, kunabaningi abaphiliswayo khona lapho kunoma bekhona abaphiliswayo phezulu lapha, niyabo, njalo. UMoya oNgcwele unjengokuba sezindaweni zonke nje. Uzama kuphela ukuthola amakholwa, yilokho kuphela, Angafinyelela kuwo.

236 Ukunikeza amakhadi omkhuleko uP, njengakuPawulu. Asithi, kade sikuphi . . . Awu, sibize kusuka kwelokuqala. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, mabasukume *ngapha*, uma nithanda. Ikhadi labo lomkhuleko uP, njengakuPawulu, elokuqala kuya kweleshumi, sukumani ngapha ku*leli*cala, uma ningasukuma. Uma ningeke, khona-ke sizothola omunye umuntu ukuba anisize. Eleshumi; elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili . . . Kulungile, abanye ababili. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, kulungile. Eleshumi kuya kweleshumi nanhlanu, eleshumi kuya kweleshumi nanhlanu, lowo ngabayisihlanu ngaphezulu. Ishumi nanhlanu kuya kwelamashumi amabili, sukumani ukuze ngizobona uma nisukuma; uP, eleshumi nanhlanu kuya kwelamashumi amabili. Elamashumi amabili kuya kwelamashumi amabili-nanhlanu. Asibone manje, noma ngabe ukuphi. Manje makuthi zonke ezinye izethameli zithobe ngempela, okwemizuzu nje embalwa. Lelo kuzoba yikhadi lomkhuleko uP, elokuqala kuya kwelamashumi amabili-nanhlanu. Akusilona na? Elamashumi amabili-nanhlanu, elokuqala kuya kwelamashumi amabili-nanhlanu.

237 Manje wonke omunye umuntu akahloniphe ngempela. Nikani uNkulunkulu leyonhlonipho engako, nikezani uMlayezo.

Niwukweleta uNkulunkulu, ukuba nibhekisise umzuzu futhi ninake.

238 Manje ngicabanga ukuthi balungisa abantu. Labo abanga. . . Uma benekhadi lomkhuleko, bonke abawushayile umugqa, bazothola; bazongitshela emizuzwini embalwa, bese kuthi-ke bazo. . . khona-ke sizobona uma mhlawumbe omunye omuntu oyisithulu noma omunye umuntu ongeke.

239 Angazi ukuthi akuphi, bangani, lawomakhadi omkhuleko. Umfana wehlela lapha. . . [UMfowethu Branham ubuza omunye emsamo, "Ubani owakhiphayo na? Uwakhiphile, noma uBilly na? UBilly na?"—Umhl.] Uma ehla, futhi awaxube lawomakhadi, phambi kwenu bantu, bese-ke eninika ikhadi lomkhuleko; kuza kwehla ngqo, anitshele ukuba nonke nihlale phansi, aninike ikhadi lomkhuleko. Niyabo? Angazi ukuthi akuphi. Bengizama ukwenyusa lomntwana lapha, niyabo. Futhi, abanye, a—angazi ngabo, a—anginandlela yokwazi lokho. Ngiqagele uNkulunkulu ukugcoba nje ngalendlela Afuna kugcotshwe kanjalo.

240 Manje, manje nina nonke, ongenalo ikhadi lomkhuleko. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Anginalo ikhadi lomkhukeko, kodwa ngiyagula." Phakamisa isandla sakho, noma kuphi endlini. Anginandaba ukuthi ukuphi, phakamisa esakho. . . Awu, akukho-bantu abaningi kakhulu lapha ke, manje. Awu, ngokwalokho, angeke kuthathe isikhathi eside kakhulu ukukhuleka umugqa womkhuleko manje kusasa. Kukhona cishe abangamashumi amabili phakathi lapha, ngaphandle kwalowo omi lapha, ogulayo.

241 Lokho kuhle. Ngiyajabula ukunibona nikwemukela kanjalo. Nibe nokukholwa okuningi kunalokho ebingacabanga ukuthi nikwenzile, mhlawumbe. Niyabo? Niyabo? Uma wemukele ukukholwa kwakho, wantshinga ikhadi lakho, uNkulunkulu akubusise. Lokho ngukukholwa kwangokoqobo ngempela. Akukho-muntu obeke izandla phezu kwenu; nibeke izandla phezu kukaKristu.

242 Manje nina lapha kulobubusuku, ongezukubakhona emgqeni womkhuleko, kholwani yilendaba. Njengowesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe, futhi Wajika wayeseqonda ukuthi wayeMthintile, bangaki oyikhumbulayo indaba na? Impela, niyayikhumbula.

243 Manje niyakukholwa lokho, Yena, iBhayibheli lasho kumaHeberu 4, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu na"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, Ubengenze ngokufanayo na? ["Amen."] Akakwenzanga, ubusuku nobusuku, lapha na? ["Amen."] Bangaki obekweminye imihlangano futhi aMbone ekwenza na? Phakama nje. ["Amen."] Impela. Niyabo? Umhlaba jikelele! Uyazi, Wazi konke ngawe.

244 Manje bonani engizama ukukwenza. Bangaki okuqondayo engifuna nikwenze na? Niyabo? Ngifuna nina, ngaphandle kwanoma ubani ebeka noma yiziphi izandla phezu kwenu, ngifuna nina, njengempahla yangokoqobo kaNkulunkulu, nithi, "Jesu Kristu, ngiyaKukholwa. Manje ngemukela Wena njengomphilisi wami. Manje ngiyaKwemukela njengoMsindisi wami. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, umsebenzi wakho sewenziwe." Manje-ke bamba lesosithembiso, bamba ukuvuma kwakho bese uya phambili nakho. Ubhekisise ukuthi kwenzekani. Niyabo? Ubhekisise ukuthi kwenzekani. Niyabo? Manje yilokho engizama ukunitholela ukuba nikwenze, indlela yangempela esifanele ukuyikholwa.

245 Utheni? [Omunye uthi, "Elesine neleshumi nesishiyagalolunye."—Umhl.] Elesine, ikhadi lomkhuleko lesine neleshumi nesishiyagalolunye, lilahlekile. Ikhadi lomkhuleko lesine. Buka komunye; buka emakhadini kamakhelwane wakho. Ikhadi lomkhuleko lesine neleshumi nesishiyagalolunye. Kulungile, umzuzwana nje, lindani. Niyabo, uma ngingambizi, khona-ke ngithola ukuwawaza kulokho, niyabo. Nithini? Nithini? ["Elesine."] Ninalo elesine na? Nithini ngelesishiyagalolunye-. . . Alikabibikho eleshumi nesishiyagalolunye namanje. Uthini? ["Kuhlangene nelesine."] Ikhadi lomkhuleko lesine alikabibikho namanje, noma eleshumi nesishiyagalolunye. Uma omunye enawo lawomakhadi, uma uzoza ungene emgqeni. Noma, buka, uyabo, kungahle. . . inelinye. . . Ngabe leyongane encane inalo ikhadi na? Hlolani, akusiyo. . . Leyo akusiyo inombolo. Ngabe *leli*nenekazi lapha linalo ikhadi, kulesisihlalo esinamasondo na? Hlolani inombolo yalo. Ngabe leyo—ngabe leyo yinombolo yalo na? Inenekazi ohlakeni olungumbhede, hhe? Banalo. Bona, lonke seliphakathi manje. Okeyi. Kulungile. Manje—manje, nina bantu onekhadi lomkhuleko, abambeni. Sizokhonzisa, ngomusa kaNkulunkulu.

246 Manje, bangani, lobu kungubusuku bokugcina esizoba nabo, kusasa yiSonto ntambama, ake sizithulise. Manje thathani konke nje ukungakholwa eninakho nomcabango owawulokhu—owawulokhu ungenamcabango, bese niwubeka phansi kwiphansi lendlu, bese nibeka unyawo lwenu phezu kwawo, njengoba kwakunjalo. Uthi, "Nkosi Jesu, ngizoKukholwa." Bangaki abazokwenza lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. UNkulunkulu anibusise.

247 Manje akungasuki muntu. Hlalani nithule ngempela, futhi nikholwe. Bhekisisani ngapha, futhi nibuke.

248 Inkomba kaNkulunkulu ibihlala njalo ingukwazi, ingabona kungakenzeki obekuyikho, futhi isho obekuyikho, ukuthi kukanjani lokho, noma kuyoba yini. Siyakwazi lokho. Wayaziwa kanjalo ke abaprofethi. Wayaziwa kanjalo ke uJesu njengoMesiya. Futhi UnguMesiya ofanayo namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, kuphela engenawo umzimba

wangempela lapha emhlabeni. Wathumela uMoya waKhe ukuba ubuye ukuba usebenzise umzimba wakho, umzimba wami. Manje, ungahle ungakwazi ukwenza lokhu. Siyazi, emBhalweni, munye esizukulwaneni. Kodwa, niyabo, kodwa nokho ungakukholwa, futhi unezinye izinto ongazenza, wonke umuntu.

249 Uma ke umunwe wami unquma, ngoba lelo akusilo iso lami, awuseyikuba yini umunwe wami na? Uma ke lengalo ithi, "Angisezukuphakama, ngoba uma ngingesilo iso, noma indlebe, angizukuba yingalo na"? Ngani, bekuzokhubaza umzimba wami.

Yiba yilokhu uNkulunkulu akubeke ukuba ube yikho.

250 Kukangaki ngimazisa uOral Roberts, uBilly Graham, uTommy Osborn!

251 Amanye alawo indoda ahamba angene lapho bese ethi, "Udumo kuNkulunkulu! Likholweni!" Ukukholwa kokuphikelela. Basuke bahambe, baphume lapho befreshi nje ngakho konke abangabayikho.

252 UBilly Graham uma nomlayezo, futhi akhulume kubantu imizuzu embalwa, athi, "Yenzani isinqumo senu; wozani ealtare." Ame lapho nje, angawenzi nhlobo omunye umnyakazo.

Wathi, "Ngakho awukwenzi ngani lokho, Billy?"

253 Wathi, "Umlayezo wami waphuma. Uvela kuNkulunkulu." Kunjalo.

254 Ukulelo bandla laseSodoma, khona impela okufanele nje kube yikho. Igama lakhe ligcina ngo h-a-m kusuka kuAbrahama, izinhlamvu eziyisithupha; uAbrahama kwakuyisikhombisa. Niyasibona isithunywa salelobandla, ezansi lapho eBabiloni na? Impela. Akukho muntu ezweni owathola ukubambelela kulowomlayezo wokuphenduka, njengoBilly Graham. Uma lapho. Asuke lapho, bese eyodla isiteki senyama enethambo elimisise okukaT bese eyolala, aphuze ubisi oluvutshiwe. Lokho kulungile.

255 Futhi uma uzodingeka ume futhi ulwe namademoni! Ngesinye isikhathi eLong Beach, uMfowethu uJack nami . . . Uyihlo wayemi lapho.

256 Futhi nakho kumi uMnu. Fuller, uCharles Fuller, umfowethu okahle, emi lapho eshumayela. Cishe abantu abayizinkulungwane ezimbili noma ezintathu phakathi lapho ngaleyontambama. Sahlala futhi salalela umhlangano wakhe. Ngangiqashe ihholo, emva kwakhe. Futhi wama lapho futhi wenza inkulumo enhle. Futhi wathi, "Ukhona lapha obefuna ukwemukela uKristu na?" Abantu ababili noma abathathu behlela ukubusiswa kwezingane zabo. Oyedwa owesifazane wathi wayefuna ukukwemukela. Uyenyuka wayesenikela umkhuleko omncane, omunye wamadikoni, wabuyela emuva

wayesehlala phansi. Kwaxhawulwana, bajika base bephuma. Nalo lalilapho elakhe elihlakaniphile, iqembu labantu eligqoke kahle, liphuma lapho.

257 Nakhu kungena abami, amajakethi ezinhlanya, izihlalo ezinamasondo, izimpumputhe, izinyonga, abaxhugayo, abagogekile. Uma ukukholwa kwakho kubhekana nento enjalo!

258 Manje lapha, ngimusho ukuthi uyini uKristu na? Futhi manje abangakholwayo behlezi bezungezile, befuna ukuthola iphutha elilodwa, niyabo, nje bezama ukuthola iphutha elilodwa.

259 Khumbulani, lapha kungekudala eToronto, sasimi lapho sishumayela, sikhulekela abagulayo. Ngangilokhu ngizwa umoya oyinqaba; wawuhlezi ngale ngakwesokunxele sami. Ngangilokhu ngiwubhekisisa. Kwakunendoda ihlezi lapho, isigejane sasiyiqashile ukuba ingene lapho ukuba ingifake isiphoso. Yayihamba izungeze izinkambu zamabutho bese yenza amasosha ahambe ngezandla zawo futhi akhonkothe njengezinja, nezinto; ukufaka isiphoso. Ngawuzwa lowomoya omubi. Ngangingazi ukuthi wawuvelaphi. Ngilokhu ngibhekisisa. Ngalibona lelothunzi elimnyama. Ngalinda imizuzu embalwa nje. Ngathi, "Wena mntwana kaSathane, yingani idemoni liphuphuthekise inqondo yakho entweni enjalo na? Ngoba uze ukuzokwengamela uNkulunkulu, uphosela inselelo uMoya kaNkulunkulu, bazokuthwala uphume lapha." Yakhubazeka khona lapho esihlalweni sayo futhi isakhubazekile. Niyabo?

260 Asidlali isonto. Bangaki oke waba semihlanganweni futhi abone izinto ezifanayo zenzeka, niyazazi izinto eyenzekayo na? Impela. Kunjalo. Khumbulani, yibani—yibani ngabahloniphayo.

Manje nangu, ngiyethemba, umuntu wokuqala. Kunjalo na?

261 Manje, niyabo, ngishumayelile, nganitshela ncamashi okwakufanele kwenzeke ngalolusuku. Manje leso yisibonakaliso, uma kwenzeka. Sasiyilokho ke isibonakaliso, manje-ke kholwani yiPhimbo elilandela isibonakaliso. Niyabo?

262 Manje nangu owesifazane. Impela, kinina eniyizifiki, lona nguJohane oNgcwele 4, lapho iNkosi yethu uJesu abonana nowesifazane emthonjeni. Babengakaze babonane phambilini, empilweni, futhi Watshela owesifazane ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi waqonda ukuthi lowo kwakunguMesiya. Niyayazi indaba na? Nakhu futhi, owesilisa nowesifazane bebonana. Manje akasuye owesifazane, nami angisuye lowoMuntu, kodwa lowo kusenguNkulunkulu ofanayo. Niyabo? Manje, uJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza," uJohane oNgcwele 14:12.

263 Manje, nenekazi, ngingakwazi, anginamqondo wokuthi umeleni lapho. Kungahle kube yinkathazo yezasekhaya. Ingahle

ibe ngeyomunye umuntu. Mhlawumbe uyagula. Mhlawumbe yi. . . Mhlawumbe umi lapho, nje wembatha into ethize. Uma kunjalo, thola nje ukuthi kwenzekani. Uyabo? Mhlawumbe uzifanisa nento ethize. Noma ngabe kuyini, angi . . . Ungahle ube yikholwa langokoqobo. Lokho angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyazi. Kodwa uzokwazi ukuthi ngabe Ukutshele iqiniso noma qha, awuzukwazi na? Uma kuyiqiniso, uzokwazi.

264 Manje, uyabo, kuzokwenza lokho ukukholwa kwakho. Ungathanda kanjani ukuza lapha na? Manje uma noma ubani ekholwa ukuthi kuyiphutha, woza lapha futhi uthathe lesisiguli, woza lapha futhi ubathathe bonke abanye. Manje-ke uma ungayikukwenza, manje-ke ungangigxeki. Uyabo?

265 Manje buka lapha, dade, umzuzu nje. Manje anginamqondo, lutho ngawe. Ungowesifazane nje omi lapho.

266 Manje uma iNkosi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, engiYifakazise ngeBhayibheli, yethembisa ukuthi Iyobuya ngezinsuku zokugcina futhi Izembule ekugcwaleni koMoya waYo.

267 NjengeBandla nje lenyuka; njengokungathi livela esidalweni esingumuntu, lisuka le ezinyaweni, lenyukele emathangeni, lenyuke lize liyofika ekhanda, nekhanda liyinhloko yomzimba. NoMzimba wenyukile, selokhu kwasukela eBandleni lokuqala, lenyuka njalo ngqo, kulokhu, ezinguqukweni, lenyuke kwaze kwaba manje. Ledlule ekulungisisweni, ekungcwelisweni, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Manje yiNhloko (uKristu) iza eMzimbeni, uMzimba kaKristu. NguYe Owaziyo. Isandla sami asikwazi ukusebenza, ngekhanda lami nje. Kodwa NguYe Owaziyo, yingalesosizathu EyiZwi.

268 Angisilo iZwi. Ngingumuntu. Kodwa, uyabo, Usebenzisa lomzimba. Ngoba, Wafa ukungcwelisa lomzimba, ukuze Awusebenzise, futhi anikeze isiphiwo. Njengokuwukhipha egiyeni nje, khona-ke uMoya oNgcwele uyengamela.

269 Manje-ke, uma Ezochasisa noma akutshele ukuthi wenzeni, ukuthi ukhonela ini lapha, noma okuthize ngawe, uzokukholwa. Futhi izethameli zizokholwa okufanayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingasipha khona.

270 Manje ngithatha wonke umoya, phakathi lapha, ngaphansi kokulawula kwami, ngenzele inkazimulo kaNkulunkulu. Manje hlalani nithule. Ningayaluzi.

271 Buka lapha, umzuzwana nje. "Ngibuke," njengoPetru noJohane basho, bdlula esangweni. Ngamany'amazwi, kunake nje engikushoyo. Niyabo?

UJesu wabuza owesifazane imibuzo embalwa. "Ngiphuzise."

272 Niyabo, kade ngishumayela, into efanayo. UBaba ungithumile enhla lapha e—eBaton Rouge. Ngilapha.

273 UBaba wathi Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Wahlala lapho. Owesifazane wayengowokuqala ukwenyukela kuYe. Wenze lesosibonakaliso esisodwa kulowo wesifazane, futhi umuzi wonke waphenduka. Umehluko onje . . .

274 Uyacabanga, uma Ubenze into efanayo, kulobubusuku, ucabanga ukuthi yonke iBaton Rouge ibiyophenduka na? Ngiyakungabaza lokho, awukungabazi na? Impela ngiyakungabaza. Kodwa sisezinsukwini sokugcina, lapho ububi bububi kakhulu kunoma bake baziwa.

275 Manje izimo zakho. Ulapha ukuba ukhulekelwe. Kunjalo impela. Futhi uphethwe isimo somphimbo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hhayi lokho kuphela, kodwa kunomunye omkhulekelayo. Ngumntwana, nalowomntwana unesimo somphimbo. Futhi kuyisimo somphimbo womntwana, yizimila emphinjeni. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphilisa, naye na? Leloduku elisesandleni sakho, oliphakamisele kuNkulunkulu, njengobufakazi. Ungakungabazi manje. Hamba futhi ubeke iduku kumntwana. Ungangabazi, ngenhliziyo yakho yonke. UNkulunkulu uzoniphilisa nobabili futhi anisindise. [Udade uthi, "Akadunyiswe! Haleluya!"—Umhl.] Ningakwenza lokho na? ["Jesu! NgiyaKubonga, Jesu!"] Khona-ke hamba, futhi iNkosi ibenawe. ["Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!"]

Unjani na? Siyizihambi, futhi.

276 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Leso yisibonakaliso. Manje iPhimbo, ngukuthi, "Buyela eZwini!"

277 Angikwazi; Uyakwazi. Uma Ezongitshela okuthize ngawe, khona-ke uzokholwa ukuthi leloZwi engilishilo lizoqinisekiswa na? Lokho ngu—lokho ngukuqinisekiswa kwaLo. Niyabo? Ngithe Ukwenzile; lokho ukuprofetha. Manje uma ukuprofetha kufezeka, khona-ke Wathi, "Kuzweni."

278 Unesimo esiningi kakhulu sokwethuka ophethwe yiso, ukwethuka. Futhi unethumba, futhi ithumba lisemlenzeni wakho. Kunjalo, akunjalo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Manje uyakholwa na? ["Yebo, mnumzane."] Khona-ke qhubeka ngendlela yakho, futhi ukholwe. Futhi, njengoba ukholiwe, kuzoba kanjalo kuwe.

279 Unjani na? Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela izinkathazo zakho na? Ngibuke. Unezinkathazo. Kodwa ngempela umele omunye lapha, futhi yilowo owakhuliswa nawe. Udade. Kunjalo. Manje uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngalowodadewenu na? Uzokwemukela na? Unenkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi

uzophiliswa manje na? Khona-ke, ngokukholwa kwakho, makube njalo kuwe.

280 Woza, nenekazi. Unjani na? Uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma ukuthi wenzeni, noma okuthize, kuzokwenza ukholwe na? Uyazi ukuthi ngiyi . . . A—a—angikwazi. Lokho bekungaba yisimilo saKhe sokuziphatha sizikhomba qobo lwaSo kimi, ngokweZwi Alethembisa. [Udade uthi, "Ngizokukholwa nje."—Umhl.] Uyakukholwa lokho na? ["Yebo. Amen."]

281 Ungomunye, unezinkathazo njengoba owesifazane onguntangayakho engaba nazo, kodwa umcabango wakho omkhulu umayelana nomunye. Isifiso sakho kuNkulunkulu; awuzifuneli wena uNkulunkulu, kodwa okomunye, lowo yindoda. Umyeni wakho. Futhi unenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi Uzo . . . UNkulunkulu uzoMphilisa na? Hamba, kukholwe. Futhi, njengoba ukholiwe, kuzobanjalo kuwe.

282 Manje, niyabo, konke ukushumayela, kwalelohora ebengishumayela ngalo. Khona, ukuthi noma bekuyini, abathathu noma abantu abane wedlulile, manje kunzima ukuba ngime lapha. Niyabo? Niyabo, isixuku nje sonke sibukeka njengobisi nje, ngapha phakathi lapha. Niyabo? UJesu wathi, "Amandla aphumile kiMi." Futhi uma owesifazane oyedwa, ethinta ingubo yaKhe, kwakhipha amandla kuYe, futhi Yena iNdodana kaNkulunkulu; mina-ke, isoni esisindiswe ngomusa waKhe na?

283 Wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza. *Eziningi* kunale niyakuzenza." Ngiyazi iKing James ithi, "ezinkulu kunezinye." Kodwa uma uzothatha ihumusho lasekuqaleni, lathi, "*Eziningi* kunale niyakuzenza." Akukho muntu owayengenza ezinkulu kunezinye. Wavusa abafileyo, futhi Wamisa imvelo, futhi wenze yonke into. Kodwa Wathi, "*Eziningi* kunale niyakuzenza, ngoba Ngiya kuBaba."

284 "Izwe ngeke liNgibone; kodwa niyoNgibona, ngokuba Ngi . . ." Bukani, "Ngi," Ngi—ngi yisabizwano somuntu. "Ngiyoba nani, ngibe kini." Khona-ke, akusuye umuntu. NguKristu.

285 Ngisho lokho, ukuthi ngithi ukuzishukumisa kancanyane, ngithi ukuzibuyisa. Uchezukela endawaneni kuze kuthi emva kwesikhashana . . . Akusikho ngenkathi usephezulu *lapho*, noma phansi *lapha*; kuphakathi nendawo. Bangaki okuqondayo lokho na? Ngiyazi ni—nicabanga ukuthi niyaqonda. Ngiyakucabanga, nami.

286 Senake nazi ukuthi izimbongi nabaprofethi bangabagulisswa yimizwa njalo na? Bangaki okwaziyo lokho na?

287 Bangaki abafunda ngoWilliam Cowper, imbongi enkulu eyiNgisi na? Niyazi, wabhala, "Kunomthombo ogcwaliswe

ngeGazi, elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli." Emva kokuba esebhale leloculo, nezwa ukuthi kwenzekani kuye na? Ngama ngasethuneni lakhe kungekudala. Wazama ukuzibulala, futhi waminza emfuleni.

288 Bangaki owake wezwa ngoStephen Foster, unikeza iMelika amaculo amnandi kunawo onke abafo na? Wayenalo ekhanda kodwa hhayi enhliziyweni. Ngaso sonke isikhathi uma efikelwa wugqozi, wayebhala amaculo. Bese kuthi uma ugqozi lumshiya, wayengazi ukuthi enzeni ngaye uqobo, futhi walahleka. Wa—wa—wayekade esekudakweni. Futhi ekugcineni ngenkathi eqala ukuphuma kulologqozi, wabiza inceku, wayesethatha ireza wayesezibulala. Kunjalo.

289 Bukani uElija, umprofethi. Wenyukela lapho futhi wabiza umlilo ezulwini; wabiza imvula ezulwini ngosuku lokuqala; futhi wavala amazulu futhi wenze konke lokho. Kwase kuthi ngenkathi ukuphefumulelwa kumshiya, waphumela ehlane futhi wayefuna ukufa. Futhi uNkulunkulu wamthola, izinsuku ezingamashumi amane kamuva, wahoshekela emgedeni. Kunjalo na?

290 Bukani uJona, umprofethi. Emva kokunikeza umlayezo wakhe, wenyuka wayesehlala phansi egqumeni, wacela uNkulunkulu amvumele afe. Ehhe. "Sale usumukisa inceku yakho ngokuthula."

291 Abantu abakuqondi. Qhabo, qhabo, ningeke. Kanjalo nami ngeke ngakuchaza, kanjalo akekho omunye umuntu. Ningeke namchaza uNkulunkulu. UNkulunkulu akaziwa ngocwaningo lwesayense. UNkulunkulu waziwa ngokukholwa. SiyaMkholwa. Ungachaza kanjani na? Bekungabe kusaba kanjani ngukukholwa, futhi na? Sazi uNkulunkulu ngokukholwa.

292 Ibandla alisoze lawazi umsebenzi nokukhandleka, nomshikashika nokuvivinywa, okuzame ukuWuletha, uMlayezo. Yena uyazi. Umvuzo wami awuveli kubantu abaningi.

293 Buka lapha, nenekazi. Yebo, ngokushesha. Lowo wesifazane usibekelwe ukufa. UNkulunkulu akezi kowesifazane masinya, ngiyabona . . . Anibuboni lobobumnyama bulenga ngakuye na? Uzofa, impela nje njengezwe. Lapha kungekudala, bathwebula isithombe sento enjengaleyo, futhi nginaso ekhaya. Unethunzi elimnyama lilenga eduze kwakhe. Usibekelwe ukufa.

294 Inenekazi elincane libe nokuhlinzwa. Futhi kulokhu kuhlinzwa, bahlinzele umdlavuza. Futhi manje selinezinkathazo, zonke izinhlobo ze—ze, awu, izifo ezelakanyanayo nje. Into eyodwa, ubuthakathaka kakhulu awukwazi ukusukuma. Enye into, ukuthi esinyeni kuchameka ubovu. Manje, nje ukuze uzobona ukuthi angisho nje into ethize. Uyabo? Kunjalo. Kodwa, nenekazi, udokotela wazama. Ngiyamncoma ngalokho. Kodwa, wayeyikhambi, kodwa uNkulunkulu uyiselapho. Uzofa kanjalo. Wenze konke

abengakwenza. Uyakholwa na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Woza lapha, umzuzu nje.

295 Ngokuthunywa enginikwe khona nguNkulunkulu uSomandla, kwafakazwa kimi yiNgelosi, ekhona manje esimweni seNsika yoMlilo, ngiyalilahla lelidemoni elithatha impilo yalona wesifazane. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hamba, kholwa manje. Ngakho konke lokho okukuwe, kholwa.

296 Unenkathazo ebulala abantu abaningi kunoma yini enye, inkathazo yenhliziyo. Bayasho ukuthi leso yisifo esingunamba-wani, kodwa asinjalo, mnumzane. Isono siyisifo sokukholelwa esingunamba-wani. Uyakholwa ukuthi Unamandla okuphilisa leyonhliziyo futhi akusindise na? [Umfowethu uthi, “Ngiyazi Angakwenza.”—Umhl.] Hamba-ke, kukholwe. UNkulunkulu akubisise.

297 Ucabanga ukuthi uNkulunkulu angaliphilisa iqolo lakho futhi akusindise na? Uyakukholwa ngayoyonke inhliziyo yakho na? Hamba, kukholwe, dade. Bhekisisa ukuthi kwenzekani kuwe, uzobangcono.

298 Isifo samathambo nenkathazo yenhliziyo. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa na? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Ngayoyonke inhliziyo yakho na? [“Yebo, mnumzane.”] Uzokwemukela na? [“Yebo, mnumzane.”] Njengoba ukholiwe, yileyondlela okuzoba yiyo kuwe. Manje hamba, kukholwe ngayoyonke inhliziyo yakho, noNkulunkulu uzokusindisa.

299 Nawe unenkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu angakusindisa na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Hamba manje, ukukholwe ngayoyonke inhliziyo yakho. Ngingeke ngakuphilisa, uyabo.

300 Ukungabi namandla, ukugula kwemizwa, kanti futhi unesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa, akuphilise na? Uyakwemukela na? Hamba, futhi ukukholwe, ke.

301 Kuyakuqwashisa izikhathi ezininginingi, ukhwehlela. Kodwa uNkulunkulu uyasiphilisa isifuba somoya. Uyakukholwa lokho na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Uyakusindisa manje na? [“Yebo, mnumzane.”] UNkulunkulu akubusise. Ngiyakubonga, ngokukholwa kwakho.

302 Ukuba ke bengingashongo ngisho izwi kuwe, ngavele nje ngabeka izandla zami kuwe, ubuzokholwa na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Woza lapha. Ngibeka izandla zami phezu kwakho, eGameni likaJesu Kristu, futhi kwangathi isifo samathambo singasuka kuwe. Siyasuka.

303 Woza. Woza, dade. Uyakholwa na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane. Ngike ngaphiliswa yiNkosi phambilini.”—Umhl.]

Awu, lokho kuyamangalisa. [“Haleluya!”] Manje-ke hamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa ke, nesisu sakho sizoba kahle. [“Haleluya! Haleluya! Haleluya!”]

304 Inqwaba yokukhathazwa yiqolo, kade likukhathaza isikhathi eside. Hamba, ukholwa ukuthi u . . . Hamba, ukholwa ukuthi uzoba kahle, futhi uNkulunkulu uzokwenzela khona. [Umfowethu uthi, “UNkulunkulu usekwenzile. Amen.”—Umhl.] Amen. Nakho ke. [“Ayidunyiswe iNkosi.”] INkosi ikubusise, mfowethu. Amen.

305 Isifo sikashukela asilutho, kuNkulunkulu ukuba asiphilise. Angazisindisa. Uyakukholwa lokho na? [Udade uthi, “Ngiyakukholwa.”—Umhl.] Kulungile. Kwemukele, futhi hamba uMkholwe manje ngayoyonke inhliziyo yakho.

306 Unakho futhi egazini lakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi usinde.

307 Uyakholwa ukuthi Ukuphilise ngaleyonkathi ngenkathi lokho kukushaya na? Ukuphilisile.

308 Inkathazo yamanenekazi. Inkathazo yenhliziyo. Uyakukholwa na? [Udade uthi, “Ngiyakukholwa.”—Umhl.] Hamba, u—uphiliswe eGameni likaJesu.

309 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzolisindisa iqolo lakho, izinso zakho zizo . . . Busiswa! Qhubekela phambili nje.

Angiphilisi. Ngingephilise. Angisuye umphilisi.

310 Ucabangeni ngenkathi Esho ngeqolo lakhe, uyakholwa ukuthi elakho lisindile, nalo na? Kulungile, hamba nje, ukukholwa, manje-ke . . . Hamba nje ukukholwe, ngayoyonke inhliziyo yakho.

311 Nelakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakusindisa na? Hamba, kukholwe, ngayo yonke inhliziyo yakho. UNkulunkulu uzokupha khona uma u . . . Uzofanele ukukholwe, nokho.

312 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nawe na? [Udade uthi, “Ayidunyiswe iNkosi! Impela ngiyakholwa.”—Umhl.] Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Gudluka nje ngqo ngapho futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

313 Woza, mnumzane. Ithonsi elidala elimhlophe liconsela phansi. Ukuhlolwa kwalokho bekungakhombisa isifo sikashukela. [Umfowethu uthi, “Isifo sikashukela.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Asiye eKhalvari ukuba kumuncwe igazi manje. Ngokukholwa, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa. Amen. UNkulunkulu akubuise, mfowethu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uyakholwa na? [“Yiqiniso impela.”]

314 Kuthiwani ngabanye benu ezithamelini manje na? Niyakholwa ngazozonke izinhliziyo zenu, ukuthi uJesu Kristu unguyena izolo, namuhla, naphakade na? Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

315 Kuthiwani ngale ku*lesi*sigodi na? Inenekazi elincane lihlezi, lingibuka ngqo lapho, liphethwe yinkathazo yabesifazane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Elifake ibhantshi elincane elil'uhlaza sibhakabhaka nje. Kulungile. Kholwa manje, uJesu Kristu uyakusindisa. Kulula kanjalo nje.

316 Inenekazi elihlezi emva kwakho ngqo, izinwele ezimnyama. Lithe, "NgiyaKubonga, Nkosi." Ikhona into elishayile. Belingazi ukuthi Ibiyini. Inkathazo yesinye isukile kuwe, uhlezi khona lapho, emva kwenenekazi ngqo eliphiliswe ngaleyonkathi nje. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho lapho, nenekazi. Uyakholwa na? Kulungile, phakamisa isandla sakho uma ufuna ukukwemukela. UNkulunkulu uyakusindisa.

Kuthiwani ngalo phansi lapha, omunye phakathi *lapha* na?

317 Emuva lapho ezethamelini, manje hloniphani ngempela. Ninganyakazi. Niyabo, lezizifo zizosuka komunye ziye komunye.

318 Kuthiwani ngawe, mnumzane na? Lendoda esikhulile ngeminyaka ehlezi lapha kulesisihlalo na? Uyakholwa? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa na? Isifo samathambo, futhi unesifo sokucinana kwemithanjana yomoya emaphashini. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa lokho na? Uyakholwa na? Kulungile, ungaba nakho okucelile. "Uma ukholwa!"

319 Ucabangani, nenekazi, uhlezi eceleni kwakhe na? Uyakholwa, nawe na? Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Uqhele kude le nami. Mkholwe nje manje. Uyakholwa ukuthi ngikutshele iQiniso na? Manje ke ibhiphi yakho izokwehla. Uyakukholwa na?

320 Uphakamise isandla sakho, nawe. Ubuzama ukulikhuthaza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini i . . . Ubunomoya omuhle kakhulu ukulisiza, manje uNkulunkulu uzoba nomoya omuhle ukukusiza. Unenkinga yokomoya ekade ikuhlupha. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Kuzoxazululwa manje. Ukwenza kube kahle.

321 Bangaki okholwayo na? Nibangaki enizo acc-. . .ongesuye umKristu, uno—nokuzwa ukuthi uJesu Kristu ulapha ukhona, ongathanda ukusukuma manje, athi, "Jesu, ngithanda ukuzikhomba mina uqobo njengesoni, Uzongithethelela izono zami na?" Sukuma ngezinyawo zakho. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho yi . . . UNkulunkulu akubusise,

wena, wena, wena. Lokhu, Uyakubona. Ubhale igama lakho phansi ngenkathi wenza lokho.

322 Ngapha kuvulande osesitezi, sukuma, uthi, "Nkosi Jesu, ngiyafuna, ngifuna ukubandakanywa. Ngifuna isihawu ngomphefumulo wami." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. "Ngifuna isihawu, Nkosi Jesu."

323 Awuboni, mngani, ukuthi lowo nguYe lapha na? UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, ntombi. Leyo yinto enkulu kunazo zonke owake wayenza. Manje omunye futhi ongakakwenzi, sukuma, uthi, "Ngifuna ukubandakanywa, Nkosi Jesu. Ngizibandakanya mina uqobo, kulobubusuku."

324 "Oyovuma isono sakhe, uyoba nesihawu. Ofihla isono sakhe, akayikuphumelela."

325 Nizokwenza, eBukhoneni baKhe na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngifuna . . . UNkulunkulu akubusise. Yebo. NeNkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. INkosi ikubusise.

326 Wena uthi, "Ngabe lokho kukhona okukuchazayo na?" Phakathi kokufa nokuphila, yilowo umehluko.

327 Niyabuqonda uBukhona baKhe lapha na? Niyakuqonda lokho na? Niyakuzwa ngomuzwa lokho na? Niyabo, niyaBubona, niyaBubona busebenza. Lowo nguYe. Yilokho impela Athi Uyokwenza. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

328 Omunye umuntu uthi, "Ngifuna ukuzibandakanya mina uqobo njengesoni, Nkosi. Wena ngithethelele izono zami manje." Uma usuvele umile, phakamisa isandla sakho nje. Abanye benu bezungeze izindonga, phakamani . . . UNkulunkuu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu athi, phezulu kuvulande osesitezi kuya ngemuva, athi, "Ngifuna ukuzibandakanya mina uqobo, Nkosi Jesu. Ngicela isihawu, kulobubusuku, eBukhoneni baKho bobuNkulunkulu, ngikholwa yilokho, yena impela uNkulunkulu oyongehlulela, uBukhona baKhe bulapha manje. Uyazi ukuthi Ukhuluma enhliziyweni yami futhi engitshela ukuthi nginephutha. Ngifuna ukusukuma futhi ngithi nginephutha. Ngiyalivuma iphutha lami. Ungilahla ngecala, enhliziyweni yami." Yingalesosizathu ngimise umugqa womkhuleko. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

329 Nicabanga ukuthi ngiwumiseleni lowo na? Ngiwumise ngoba bengazi ukuthi lokho bekufanele kwenzeke.

330 Manje, kunabanye lapha, ningeme na? Sukuma futhi usho ukuthi Into ethize ikhuluma enhliziyweni yakho, unephutha. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. "Nginephutha. Ngithethelele, Nkosi. Ngizibandakanya mina

uqobo. Ngiyasukuma, Nkosi, eBukhoneni baKho. Ngiyazi Ulapha. Ngi . . . Uzofanele ube lapha. Wathi lokhu kuyoba yi— yinto Oyoyenza. Manje ngiba . . . ngibona isibonakaliso, futhi ngiyazi sichaziwe kimi ukuthi leso sifanele sibe yisibonakaliso salolusuku. Ngizwa iPhimbo elibizele emuva ekuphendukeni. Ngilapha, Nkosi. Ngiyasikholwa isibonakaliso. Ngiyalizwa iPhimbo."

331 IPhimbo likhuluma kuwe manje! Jika, O wena ohlakazekile! Jika, O, nkanyezi ezulazulayo! Jika, O wena oxoshiwe! Jika, kulobubusuku!

332 Ungejike na? Yima nje bese uthi, "Ngizibandakanya mina uqobo njengesoni, ngicela isihawu." Uzokwenza yini, omunye futhi na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, phezulu lapho, ndodana. Uma ngikugeja, Yena angeke. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Lokho kuhle kakhulu. Lokho kuhle kakhulu. Omunye futhi na? Nje gcina . . . Ngifuna ukubamba kube kude ngomzuzu nje, ngoba ngisalokhu ngizwa umthwalo omncane lapha, niyabo. Omunye futhi na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Yileyondlela yokukwenza. Yilokho-ke. Omunye futhi, "Ngifuna ukuzibandakanya mina uqobo, ngiziphakamise mina nje uqobo bese ngithi nginephutha. Ngicela isihawu"? Nizokwenza na? Ngokukhulu ukushesha ngaphambi kokuba siqhubeke, sukuma bese uthi, "Ngifuna ukuzibandakanya mina uqobo, Nkosi Jesu." UNkulunkulu akubusise, ntombi.

333 Niyazi, mhlawumbe ningakafiki ekhaya, kodwa ngesinye is'khathi noma okunye kuyoba nenkungu efika ebusweni bakho. Mhlawumbe ngokunye ukusa udokotela uyofika futhi uyozwa ukushaya komthambo wakho kukhuphuka ngomkhono wakho, akukho okunye okungenziwa. Khona-ke uyozwa amagagasi abandayo okufa entanta ebusweni bakho. Uyokukhumbula okwenzile.

334 Khumbulani, bangeke bakummbele ngokujule kakhulu, akukho abangakwenza kuwe. UNkulunkulu wethembisa, "Ngiyakukuvusa futhi, ngosuku lokugcina." Bukani. "Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade futhi akasayi ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Omunye akakwesule lokho uma ungakwenza. UJesu Kristu wakusho Lokho. "Okholwayo, okungukuthi, oqonda iZwi laMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, akasoze aya ekwaHlulelweni, ukulahlwa, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngoba, ukholwe eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yodwa, uNkulunkulu ayivusile, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, futhi iyaphila lapha, kulobubusuku, ikhombisa izingxenye zaYo ezingahlukaniseki zokuvuka kwaYo.

335 Angabakhona omunye osukumayo, emva kwalokho, omunye athi, "Ngifuna ukuKwemukela. Ngifuna ukuMemukela." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle kakhulu, nenekazi elincane. Leyo yinto yobuqhawe. Ngifuna niqaphele.

336 Ngibhekisisa ukubizela ealtare, lapha ngesinye isikhathi esedlule, abantu benyuka, behlafuna ushingama, bedushuzana ohlangothini.

337 Kodwa nibuqaphelile ubuqotho ebusweni balabobantu na? Labo besifazane abasha, ngisho nasemva kokubalahla ngecala mayelana nezinwele zabo eziphunguliwe, bependa ubuso; befake nalowopende wobuso, nezinwele eziphunguliwe, bame nje ngqo ngokufanayo, "Ngiyisoni. Ngihawukele, Nkulunkulu." Lokho yilezoziMbewu zilele lapho. UkuKhanya kuvumbukela kuyo, futhi ziyakwazi. UNkulunkulu anibusise.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

338 Ngifuna lonke ikholwa lapha, elimi liseduze kwalowomuntu osukumile, beka isandla sakho phezu kwalowomuntu, (uzokwenza na?), lowo omile. Bebemi ngakuwe. Uma ungumKristu, beka isandla sakho ngaphezulu, phezu kukadade, umfowethu, "Ngibeke isandla sami phezu kwakho manje. Ngizokhuleka."

339 Baba waseZulwini, kunalabo lapha kulobubusuku a—abaKukholwayo. "Ezinye izimbewu ziwela ngasendleleni," Wena uthi, "izinyoni ziyafika zase ziyicosha. Ezinye ziwela phezu komhlabathi onamatshe, nameva namakhakhasi. Kodwa ezinye ziwela phezu komuhle, umhlabathi ovundile." Futhi uBukhona baKho bulapha, kulobubusuku, bunelise abaningi lapha kulobubusuku ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi Uphila kuze kube phakade. Futhi Wethembisile, ngoba Uyaphila, singaphila nathi.

340 Nkosi Jesu, basukumile futhi bama njengofakazi ukuthi baKukholiwe. Manje, Nkosi, ngiyazi Uyobamela ngaloloSuku. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Kwangathi bangaya kwelinye ibandla elihle futhi babhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu. Kwangathi bangazijoyinela bona nesinye isigejane esihle samakholwa. Kwangathi bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Kwangathi bangaba yimiklomelo yeVangeli, amatshana ayigugu emqheleni waKho ngaloloSuku. Futhi uma ngingasaphindi ngibabone ngakulelicala laloloSuku olukhulu, kwangathi ngingababona ngaloloSuku njengasembonweni, bethi, "Awusangikhumbuli na? KwakuseBaton Rouge, lobobusuku, engasukuma ngabo." Siphe khona, Baba. BangabaKho, ngeGama likaKristu.

341 Nakhu, kubekwe phambi kwami, ibhokisi lamaduku, izicathulo ezincane, amabhuzu, amaduku, nezindwangu, nama aproni. Siyafundiswa, eBhayibhelini, ukuthi bathathe

emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku nama aproni, imimoya engcolile yaphuma kubantu. Manje, Baba, siyazi ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa Wena usalokhu unguNkulunkulu ofanayo, ngakho ngikhulekela ukuthi uzosipha imiphumela efanayo, njengoba ngobuqotho lesisizukulwane sikholwa. Abazange bamkholwe uPawulu ngoba wayenguPawulu; bamkholwa uPawulu ngoba Wena Wazibandakanya noPawulu. Manje bakholwa into efanayo kulobubusuku, Nkosi, ukuthi Ukhonjwe phakathi kwethu, kulobubusuku. Futhi ngoluny'usuku, sithi i . . .

342 Omuny'umbhali wayesitshela, ukuthi, "UIsrayeli wayesendleleni yakhe eya ezweni elithenjisiwe, noLwandle oluBomvu lwangena endleleni, ukubanqamula ezweni elithenjisiwe." Umbhali washo, ukuthi, "UNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo, ngamehlo athukuthele, ngenkathi Ihamba phezu kukaIsrayeli. Yenza ubumpumputhe, ubumnyama kongakholwayo, nokukhanya kuIsrayeli. Futhi ngenkathi loloLwandle oluBomvu lungena endleleni, lwesaba, futhi lwagingqika lwahlehla, noIsrayeli wawelela ngapheseya ezweni elithenjisiwe emhlabathini owomileyo."

343 Nkosi Nkulunkulu, buka phansi kulobubusuku, ngeGazi likaJesu Kristu, iNdodana yaKho. Njengoba ngibeka izandla zami phezu kwalamaduku; uma ebekwa phezu kwabagulayo, kwangathi uMoya oNgcwele, Nkosi, ungabuka phezu kwalowomuntu, futhi kwangathi izifo zingasuka kuwo, futhi kwangathi bangawelela kulelozwe lokuba nempilo enhle namandla. Ukuthi, iBhayibheli lathi, "Phezu kwakho konke," ukuthi babefisa ukuthi siyo "phumelela empilweni." Siphe khona, Nkosi. Ngiyawuthumela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

> . . . mina ngolandela,
> Lapho Eholela khona . . . (asicule nje) . . . ngolandela,
> Ngohamba naYe, (manje uBukhona baKhe bulapha, asiMkhonze nje ngeculo, kamnandi), yonke indlela.

344 Ningalicula ngempela kanje?

> Lapho Engiholela khona ngolandela,
> Lapho Engiholela khona ngolandela,
> Lapho Engiholela khona ngolandela,
> Ngohamba, (uma uthanda, manje phakamisa izandla sakho), naYe yonke indlela.

Asisukume manje, phakamisani izandla zenu futhi.

> . . . Ye ensimini,

345 Wonk'umuntu akacule eMoyeni manje. UMlayezo osika ngempela. AsiMkhonze eBukhoneni baKhe. Uyathanda ukukhonzwa.

. . . nsimini,
Ngohamba naYe ensimini,
Ngohamba naYe, naYe yonke indlela.

346 Manje asilihamishe. "Nginga . . ." Manje uma wenza lokho, ngifuna nixhawulane nomunye, nithi, "UNkulunkulu akubusise, mhambi. UNkulunkulu akubusise, mhambi," kanjalo. Simunye nomunye nomunye. IMethodisti, neBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, nonke xhawulanani. "UNkulunkulu akubusise, mhambi." Yilokho esiyikho: abahambi.

. . . nsimini,

347 UNkulunkulu akubusise, mhambi. UNkulunkulu akubusise. [UMfowethu Branham nebandla bayaqhubeka nokuxhawulana. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . nsimini,

Manje asiphakamise izandla zakho.

Ngohamba naYe, naYe yonke indlela.

348 Asikhothamise amakhanda ethu, ngokuzithoba, ngomkhuleko. Ningakhohlwa, ekuseni, uSonto s'skole.

349 Ngandlela thize noma enye, ngizwa nje uBukhona bukaNkulunkulu buyikho kakhulu enhliziyweni yami. Kul'khuni kakhulu nje kimi ukuba ngisuke, kulobubusuku, ngandlela thize. Ngiyawuzwa uMoya oNgcwele uthokozile, kulobubusuku. Mhlambe sizoba nomhlangano omkhulu kusasa, sibona abantu beza kuKristu, niyabo. Omunye umangele ukuthi kungani ngingazange ngenze ukubizela ealtare. Ngiyalinda ngize ngiholeleke ekukwenzeni. Niyabo?

350 Ngithemba ukuthi wonke umuntu ophakamise isandla sabo, noma wasukuma, ngithemba ukuthi nizoba kwelinye ibandla elihle kusasa, thatha indawo yakho phakathi kwamakholwa.

351 Sisakhothamise amakhanda ethu, ngizocela umelusi lapha ukuba eze ngaphambili, uma ethanda, ukuba asikhiphe. UNkulunkulu anibusise manje, amakhanda ethu nezinhliziyo kukhotheme phambi kukaNkulunkulu.

